

Izikhombo Ze-Ncwajana YoMhlangano Wokuphila Nenkonzo

OCTOBER 3-9

AMAGUGU ASEZWINI LIKANKULUNKULU | IZAGA 1-6

“Thembela KuJehova Ngayo Yonke Inhliziyo Yakho”

(IzAga 3:1-4) Ndodana yami, ungawukhohlwa umthetho wami, nemiyalo yami kwangathi inhliziyo yakho ingayigcina, ² ngoba uyokwenezelwa ubude bezinsuku neminyaka yokuphila nokuthula. ³ Kwangathi umusa wothando neqiniso kungekushiye. Kubophele entanyeni yakho. Kulobe esibhebheni senhliziyo yakho, ⁴ kanjalo uthole umusa nokuqondisa okuhle emehlweni kaNkulunkulu nawomuntu wasemhlabeni.

w00 1/15 23-24

Hlakulela Ukusondelana NoJehova

“SONDELANI kuNkulunkulu, naye uyosondela kini,” kubhala umfundi uJakobe. (Jakobe 4:8) Futhi umhubi uDavide wahlabelela: “UbhulobobukaJehova bukubo abamesabayo.” (IHubo 25:14) Ngokusobala, uJehova uNkulunkulu ufuna sibe nobuhlobo obuseduze naye. Nokho, akuwona wonke umuntu okhonza uNkulunkulu nolalela imithetho yakhe onomuzwa wokusondelana naye.

Kuthiwani ngawe? Ingabe unobuhlobo obuseduze bomuntu siqu noNkulunkulu? Ngokungangabazeki ufuna ukuba seduze naye. Singakuhlakulela kanjani ukusondelana noNkulunkulu? Lokhu kuyosho ukuthini ngathi? Isahluko sesithathu sencwadi ye-Bhayibheli yezAga sisinikeza izimpendulo.

Bonisa Umusa Wothando Neqiniso

Inkosi uSolomoni yakwa-Israyeli wasendulo yaqalisa isahluko sesithathu sezAga ngala mazwi: *“Ndodana yami, ungakhohlwa umthetho wami, kepha inhliziyo yakho mayigcine imiyalo yami, ngokuba iyakwenezela kuwe ubude bezinsuku, neminyaka yokuphila, nokuthula.”* (IzAga 3:1, 2) Njengoba uSolomoni aloba ephfumulelwé ngokwaphezulu, lesi seluleko esinjengesikababa sivela kuJehova uNkulunkulu ngempela futhi siqondiswe kithi. Lapha selulekwa ukuba sigcine izikhumbuzo zikaNkulunkulu—imithetho noma izimfundiso zakhe nemiyalo yakhe—ezilotshwe eBhayibhelini. Uma senza lokho, ‘iyakwenezela kithi ubude bezinsuku neminyaka yokuphila nokuthula.’ Yebo, ngisho namanje singajabulela ukuphila okunokuthula futhi sigweme imisebenzi engasenza sivulekele engozini yokufa ngaphambi kwesikhathi ngokuvamile eyehlela abenzi

bokubi. Ngaphezu kwalokho, singajabulela ithemba lokuphila phakade ezweni elisha elinokuthula.—IzAga 1:24-31; 2:21, 22.

Eqhubeka, uSolomoni uthi: *“Isihe neqiniso maku-ngakushiye; kubophe entanyeni yakho, ukulobe esibhebheni senhliziyo yakho, ukuze uthole umusa nodumo oluhle emehlweni kaNkulunkulu nabantu.”*—IzAga 3:3, 4.

Igama lezilimi zakuqala elithi “umusa wothando” ngamanye amazwi lisho “uthando oluqotho” futhi li-veza ukwethembeka, ubumbano nobuqotho. Ingabe sizimisele ukunamathela kuJehova kungakhathaliseki ukuthi kwenzekani? Ingabe sibonisa umusa wothando ebuhlotsheni bethu nesikhohlwa nabo? Ingabe sisebenzela ukuhlala siseduze nabo? Ekusebenzelaneni kwethu nabo kwansuku zonke, ingabe sigcina ‘umthetho womusa usolimini lwethu’ ngisho nangaphansi kwezimo ezivivinyayo?—IzAga 31:26.

Ngomusa wothando, uJehova ‘ungothethelelayo.’ (IHubo 86:5) Uma siye saphenduka ezonweni zethu zangesikhathi esidlule futhi saqondisa izindlela zethu, siyaqiniseka ukuthi “izinkathi zokuqabuleka” zizofika zivela kuJehova. (IzEnzo 3:19) Ingabe akufanele yini silingise uNkulunkulu wethu ngokuthethelela abanye iziphambeko zabo?—Mathewu 6:14, 15.

UJehova ‘unguNkulunkulu othembekayo,’ futhi ufuna ‘iqiniso’ kulabo abafuna ukusondelana naye. (IHubo 31:5) Singalindela yini ukuba uJehova abe uMngane wethu uma siphila ukuphila okumbaxambili—senza okunye uma siphakathi kwamaKristu bese senza okunye uma engasiboni—njengabantu bamanga’ abayizimbulu? (IHubo 26:4) Yeka ukuthi lokho kungubuwala kanjani, njengoba “zonke izinto zize futhi zenekwe obala emehlweni” kaJehova!—Heberu 4:13.

Umusa wothando neqiniso kubaluleke njengomgexo wenani elikhulu ‘oboshwa entanyeni yethu,’ ngoba zisisiza ukuba ‘sithole umusa emehlweni kaNkulunkulu nabantu.’ Asidingi kuphela ukubonisa lezi zimfanelo ngaphandle kodwa sizilobe ‘ezibhebheni zezinhliziyi zethu,’ sizenze zibe izici eziyingxenyayo yobuntu bethu.

Hlakulela Ukwethemba UJehova Ngokuphelele

Inkosi ehlananiphile iyaqhubeka: *“Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho, ungenciki kokwakho ukuqonda. Mazise yena ezindleleni zakho zonke, uyakuqondisa imikhondo yakho.”*—IzAga 3:5, 6.

Ngokuqinisekile uJehova uyakufanelekela ukuba simethembe ngokuphelele. NjengoMdali, 'unezi-khwepha ezinkulu' futhi unguMthombo 'wamandla.' (Isaya 40:26, 29) Uyakwazi ukugcwalisa konke akhlosile. Phela, negama lakhe ngokwezwi nezwi lisho ukuthi "Ubangela Kube Khona," futhi lakha kithi ukwethembela emandleni akhe okugcwalisa lokho aye wakwethembisa! Iqiniso lokuthi 'akunakwenzeka ngoNkulunkulu ukuba aqambe amanga' limenza abe isibonelo esihle seqiniso. (Heberu 6:18) Imfanelo yakhe eyinhloko uthando. (1 Johane 4:8) "Ulungile ezindleleni zakhe zonke, unomusa emisebenzini yakhe yonke." (IHubo 145:17) Uma singamethembi uNkulunkulu, ubani esingamethemba? Yiqiniso, ukuze sihlakulele ukumethemba, sidinga 'ukuzwa sibone ukuthi uJehova muhle' ngokukusebenzisa ekuphileni kwethu lokho esikufunda eBhayibhelini nangokubonakalisa okuhle okukuvezayo.—IHubo 34:8.

'Singamazisa kanjani uJehova kuzo zonke izindlela zethu'? Umhubi ophefumulelwe uthi: "Ngicabange ngawo wonke umsebenzi wakho, ngizindle ngezendo zakho." (IHubo 77:12) Njengoba uNkulunkulu engabonakali, ukuzindla ngemisebenzi yakhe nokusebenzelana kwakhe nabantu bakhe kubalulekile ekuhlakuleleni ukusondelana naye.

Umthandazo uyindlela ebalulekile yokwazisa uJehova. INkosi uDavide yaqhubeka ibiza uJehova "usuku lonke." (IHubo 86:3) Ngokuvamile uDavide wayethandaza phakathi nobusuku, njengalapho engumbaleki ehlane. (IHubo 63:6, 7) 'Qhubekani nithandaza ngomoya ngezikhathi zonke,' kunxusa umphostoli uPawulu. (Efesu 6:18) Sithandaza kaningi kangakanani? Ingabe sijabulela ukukhulumisana komuntu siqu okusuka enhliziyweni noNkulunkulu? Lapho ubhekene nezimo ezivivinyayo, ingabe siyalucela usizo kuye? Ingabe ngomkhuleko sifuna isiqondiso sakhe ngaphambi kokwenza izinqumo ezibalulekile? Imithandazo yethu eqotho eya kuJehova isenza sithandeka kuye. Futhi siyaqiniseka ukuthi uzoyilalela imithandazo yethu futhi 'aqondise izindlela zethu.'

Yeka ukuthi kuwubuwula kanjani 'ukuncika kokwethu ukuqonda' noma kubantu abavelele ezweni kuyilapho singabeka ithemba lethu ngokuphelele kuJehova! "*Ungabi ngohlakaniphileyo emehlweni akho,*" kusho uSolomoni. Ngokuphambene, uyeluleka: "*Mesabe uJehova, udede ebubini. Lokho kuyakuba yimpilo emzimbeni wakho nokuhlunyelelwa kwamathambo akho.*" (IzAga 3:7, 8) Ukumesaba okunempilo ukumdumaza uNkulunkulu kumelwe kubuse zonke izenzo zethu, imicabango nemizwelo. Ukwesaba okunenhlonipho okunjalo kuyosivimbela ekwenzeni okubi futhi kuyimpilo engokomoya nokuqabuleka.

Nikeza UJehova Okungcono Kakhulu Kwakho

Iyiphi enye indlela esingasondela ngayo eduze noNkulunkulu? "*Dumisa uJehova ngempahla yakho, nangolibo lwazo zonke izithelo zakho,*" kweluleka inkosi. (IzAga 3:9) Ukudumisa uJehova kusho ukumbonisa inhlonipho enkulu nokumphakamisa obala ngokuhlanganyela nokusekela ukumenyezela kwegama lakhe obala. Impahla esidumisa ngayo uJehova isikhathi sethu, amakhono ethu, amandla ethu nezinto zethu ezibonakalayo. Lezi kumelwe zibe ulibo—okungcono kakhulu. Akufanele yini sisebenzise izinto zethu ngendlela ebonisa ukuthi isinqumo sethu 'siwukuqhubeka sifuna kuqala umbuso nokulunga kukaNkulunkulu?'—Mathewu 6:33.

(IzAga 3:5-8) Thembela kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho, ungenciki kokwakho ukuqonda. ⁶ Mqaphele kuzo zonke izindlela zakho, yena uyokwenza izindlela zakho ziqonde. ⁷ Ungabi ohlakaniphile emehlweni akho. Yesaba uJehova ufulathele okubi. ⁸ Kwangathi kungaba yinto ephulukisayo enkabeni yakho nento eqabulayo emathanjeni akho.

w00 1/15 24

Hlakulela Ukusondelana NoJehova

Umusa wothando neqiniso kubaluleke njengomgexo wenani elikhulu 'oboshwa entanyeni yethu,' ngoba zisisiza ukuba 'sithole umusa emehlweni kaNkulunkulu nabantu.' Asidingi kuphela ukubonisa lezi zimfanelo ngaphandle kodwa sizilobe 'ezibhebheni zezinhliziyu zethu,' sizenze zibe izici eziyingxenywe yobuntu bethu.

Hlakulela Ukwethemba UJehova Ngokuphelele

Inkosi ehlaniphile iyaqhubeka: "*Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho, ungenciki kokwakho ukuqonda. Mazise yena ezindleleni zakho zonke, uyakuqondisa imikhondo yakho.*"—IzAga 3:5, 6.

Ngokuqinisekile uJehova uyakufanelekela ukuba simethembe ngokuphelele. NjengoMdali, 'unezi-khwepha ezinkulu' futhi unguMthombo 'wamandla.' (Isaya 40:26, 29) Uyakwazi ukugcwalisa konke akhlosile. Phela, negama lakhe ngokwezwi nezwi lisho ukuthi "Ubangela Kube Khona," futhi lakha kithi ukwethembela emandleni akhe okugcwalisa lokho aye wakwethembisa! Iqiniso lokuthi 'akunakwenzeka ngoNkulunkulu ukuba aqambe amanga' limenza abe isibonelo esihle seqiniso. (Heberu 6:18) Imfanelo yakhe eyinhloko uthando. (1 Johane 4:8) "Ulungile ezindleleni zakhe zonke, unomusa emisebenzini yakhe yonke." (IHubo 145:17) Uma singamethembi uNkulunkulu, ubani esingamethemba? Yiqiniso, ukuze sihlakulele ukumethemba, sidinga 'ukuzwa sibone

ukuthi uJehova muhle' ngokukusebenzisa ekuphileni kwethu lokho esikufunda eBhayibhelini nangokubonakalisa okuhle okukuvezayo.—IHubo 34:8.

'Singamazisa kanjani uJehova kuzo zonke izindlela zethu'? Umhubi ophefumulelwe uthi: "Ngicabange ngawo wonke umsebenzi wakho, ngizindle ngezenzo zakho." (IHubo 77:12) Njengoba uNkulunkulu engabonakali, ukuzindla ngemisebenzi yakhe nokusebenzelana kwakhe nabantu bakhe kubalulekile ekuhlakuleleni ukusondelana naye.

Umthandazo uyindlela ebalulekile yokwazisa uJehova. INkosi uDavide yaqhubeka ibiza uJehova "usuku lonke." (IHubo 86:3) Ngokuvamile uDavide wayethandaza phakathi nobusuku, njengalapho engumbaleki ehlane. (IHubo 63:6, 7) 'Qhubekani nithandaza ngomoya ngezikhathi zonke,' kunxusa umphostoli uPawulu. (Efesu 6:18) Sithandaza kaningi kangakanani? Ingabe sijabulela ukukhulumisana komuntu siqu okusuka enhliziyweni noNkulunkulu? Lapho ubhekene nezimo ezivivinyayo, ingabe siyalucela usizo kuye? Ingabe ngomkhuleko sifuna isiqondiso sakhe ngaphambi kokwenza izinqumo ezibalulekile? Imithandazo yethu eqotho eya kuJehova isenza sithandeka kuye. Futhi siyaqiniseka ukuthi uzoyilalela imithandazo yethu futhi 'aqondise izindlela zethu.'

Yeka ukuthi kuwubuwula kanjani 'ukuncika kokwethu ukuqonda' noma kubantu abavelele ezweni kuyilapho singabeka ithemba lethu ngokuphelele kuJehova! "*Ungabi ngohlakaniphileyo emehlweni akho,*" kusho uSolomoni. Ngokuphambene, uyeluleka: "*Mesabe uJehova, udede ebubini. Lokho kuyakuba yimpilo emzimbeni wakho nokuhlunyelelwa kwamathambo akho.*" (IzAga 3:7, 8) Ukumesaba okunempilo ukumdumaza uNkulunkulu kumelwe kubuse zonke izenzo zethu, imicabango nemizwelo. Ukwesaba okunenhlonipho okunjalo kuyosivimbela ekwenzeni okubi futhi kuyimpilo engokomoya nokuqabuleka.

Nikeza uJehova Okungcono Kakhulu Kwakho

Iyipi enye indlela esingasondela ngayo eduze noNkulunkulu? "*Dumisa uJehova ngempahla yakho, nangolibo lwazo zonke izithelo zakho,*" kweluleka inkosi. (IzAga 3:9) Ukudumisa uJehova kusho ukumbonisa inhlonipho enkulu nokumphakamisa obala ngokuhlanganyela nokusekela ukumenyezela kwegama lakhe obala. Impahla esidumisa ngayo uJehova isikhathi sethu, amakhono ethu, amandla ethu nezinto zethu ezibonakalayo. Lezi kumelwe zibe ulibo—okungcono kakhulu. Akufanele yini sisebenzise izinto zethu ngendlela ebonisa ukuthi isinqumo sethu 'siwukuqhubeka sifuna kuqala umbuso noku- lungu kukaNkulunkulu?'—Mathewu 6:33

Ukumba Sifuna Ingcebo Engokomoya

(IzAga 1:7) Ukwesaba uJehova kungukuqala kolwazi. Ngokuhlakanipha nesiyo abayiziwula nje abakwedelelele.

w06 9/15 17 ¶1

Amaphuzu Avelele Encwadi YezAga

Izimpendulo Zemibuzo YemiBhalo:

1:7; 9:10—Kungayiphi indlela ukwesaba uJehova "kungukuqala kolwazi" futhi "kungukuqala kokuhlakanipha"? Umuntu ngeke abe nolwazi uma engamesabi uJehova, ngoba unguMdali wazo zonke izinto noMlobi weBhayibheli. (Roma 1:20; 2 Thimothewu 3:16, 17) UnguMthombo walo lonke ulwazi lweqiniso. Ngakho, umuntu uqala ukuba nolwazi ngokwesaba uJehova okunenhlonipho. Ukwesaba uNkulunkulu kubuye kube ukuqala kokuhlakanipha ngenxa yokuthi umuntu akakwazi ukuhlakanipha engenalo ulwazi. Ngaphezu kwalokho, umuntu ongamesabi uJehova ngeke asebenzise noma iluphi ulwazi analo ukuze adumise uMdali.

it-2 180

Ulwazi

Uthombo Wolwazi. UJehova nguye onguMthombo wangempela wolwazi. Empeleni, ukuphila kuvela kuye futhi ukuze sibe nanoma yiluphi ulwazi, kubalulekile ukuba siphile. (IHu 36:9; IzE 17:25, 28) Ngaphezu kwalokho, uNkulunkulu wadala zonke izinto, ngakho ulwazi abantu abanalo baluthole ngokucwaninga izinto azidalile. (Isa 4:11; IHu 19: 1, 2) UNkulunkulu waphefumulela neZwi lakhe elilotshiwe, abantu abangafunda kulo ngentando yakhe nangezinjongo zakhe. (2Thim 3:16, 17) Ngakho, umthombo wolwazi lweqiniso nguJehova, futhi umuntu olufunayo kumelwe amesabe uNkulunkulu okumenza aqaphelisise ukuba angenzi into engamdumaza. Ukwesaba okunjalo kungukuqala kolwazi. (IzA 1:7) Lokhu kwesaba kokuhlakanipha uNkulunkulu kwenza ukuba umuntu azibeke ethubeni lokuthola ulwazi olunembile, kanti labo abangamesabi uNkulunkulu baye baba nolwazi olunganembile abaluthola ezintweni abazibonayo.

(IzAga 6:1-5) Ndodana yami, uma uye waba yisibambiso somuntu wakini, uma uye waxhawula isandla sesihambi ² uma uye wabhajwa emazwini omlomo wakho, uma uye wabanjwa ngamazwi omlomo wakho, ³ thatha lesi sinyathelo-ke, ndodana yami, uzikhulule, ngoba uye waba sentendeni yesandla somuntu wakini: Hamba uzithobe umbelelele kakhulu lowo muntu. ⁴ Ungawaniki ubuthongo amehlo akho, noma uwanike ukozela amehlo akho akhazimulayo. ⁵

Zikhulule njengensephe esandleni nanjengenyoni esandleni somcuphi wezinyoni.

w00 9/15 25-26

Londoloza Igama Lakho

UMUNTU oklama izakhiwo ezinhle uzakhela igama njengomklami onguchwepheshe. Owesifazane osemusha ophumelelayo ezifundweni zasesikoleni waziwa njengomfundi okhaliphile. Ngisho nomuntu ongenzi lutho angase aziwe njengevila. Ligcizelela ukubaluleka kokuzakhela igama elihle, iBhayibheli lithi: “Igama elihle lifiseleka ukwedlula ingcebo enkulu, idumela elihle ukwedlula isiliva negolide.”—IzAga 22:1, *An American Translation*.

Igama elihle lakhiwa izenzo ezincane eziningi ezenzeka enkathini ethile. Nokho, kudingeka isenzo esisodwa esiwubuwula ukuze lonakaliswe. Ngokwesibonelo, isenzakalo esisodwa sokuziphatha okubi ngokobulili singase silingcolise idumela elihle. Esahlukweni sesithupha encwadini yeBhayibheli yezAga, inkosi yakwa-Israyeli wasendulo uSolomoni isixwayisa ngesimo sengqondo nezenzo ezingonakalisa idumela lethu futhi zilimaze ubuhlobo bethu noJehova uNkulunkulu. Phakathi kwalezi kubalwa ukwenza izivumelwano ezingenangqondo, ubuvila, ukukhohlisa nokuziphatha okubi kobulili—okuyizinto uJehova azizondayo. Ukulalela lesi seluleko kuyosisiza silondoloze igama lethu elihle.

Zikhulule Ezivumelwaneni Zobuwula

Isahluko sesithupha sezAga siqala ngamazwi athi: “*Ndodana yami, uma uyisibambiso somakhelwane wakho, uma uxhawulene nomfokazi, ucushiwe ngamazwi omlomo wakho, ubanjiwe ngamazwi omlomo wakho, yenza lokhu phela, ndodana yami, uzophule, lokhu ungene esandleni somakhelwane wakho: kothama phambi kwakhe, umncengisise.*”—IzAga 6:1-3.

Lesi saga sinikeza iseluleko mayelana nokuhileleka ezivumelwaneni zamabhezini abanye, ikakhuluka-zi awabantu esingabazi. Yebo, ama-Israyeli kwakumelwe ‘amsekele umfowabo owayebe mpo-fu futhi wantengantenga ngokwezimali.’ (Levitikusi 25:35-38, *New World Translation*) Kodwa amanye ama-Israyeli ayehileleka emabhezinisini angabazekayo futhi ethola izimali ngokwenza abanye ukuba babe ‘yizibambiso’ zabo, ngaleyo ndlela benze isikweletu egameni labo. Kungase kuphakame izimo ezifanayo nanamuhla. Ngokwesibonelo, amabhezini abolekisa imali angase adinge ukuba kusayine abantu ababili ngaphambi kokuba abolekise ngemali. Yeka ukuthi kuwubuwula kanjani ukuzifaka ezivumelwaneni ezinjalo ngokuxhamazela wenzela abanye! Phela, kungase kusifake ezinkingeni ngokwezimali,

mhlawumbe kusakhele igama elibi emabhange nakwabanye esibakweletayo!

Kuthiwani uma sizithola sesenze into eyayibonakala iwukuhlakanipha ekuqaleni kodwa lapho icwaningwa kahle ibonakale iwubuwula? Selulekwa ukuba sibeke ukuqhosha eceleni futhi ‘simncengisise umakhelwane’—ngokuphikelela sicela. Kumelwe senze konke esingakwenza ukuze silungise izinto. Enye incwadi ithi: “Zama yonke into uze uvumelane nesitha sakho futhi niluxazulule udaba, ukuze isikweletu sakho singakubangeli izinkinga wena noma umkhaya wakho.” Futhi lokhu kufanele kwenziwe ngaphandle kokulibala, ngoba le nkosi iyanezela: “*Unganiki amehlo akho ubuthongo, nezinkophe zakho ukozela. Zophule njengensephe kumzingeli nanjengenyoni esandleni somthiyi wezinyoni.*” (IzAga 6:4, 5) Uma kunokwenzeka kungcono ukuhoxa esivumelwaneni esiwubuwula kunokuba ubanjwe yiso.

Sebenza Ngenkuthalo Njengentuthwane

“*Yana entuthwaneni, vilandini, ubone izindlela zayo, uhlaniphe,*” kuyala uSolomoni. Ikuphi ukuhlakanipha esingakuzuzisa ezindleleni zentuthwane encane? Inkosi iyaphendula: “*Yona ethi ingenamahluleli, nambonisi, nambusi, ilungisa nokho ehlobo isinkwa sayo, ibuthe ngesikhathi sokuvuna ukudla kwayo.*”—IzAga 6:6-8.

Izintuthwane zihleleke ngendlela emangalisayo futhi kuyaphawuleka ukubambisana kwazo. Ngenxa yomuzwa ongokwemvelo, ziqoqa ukudla zilungiselela isikhathi esizayo. Azinaye ‘umahluleli, umbonisi noma umbusi.’ Yiqiniso, ikhona indlovukazi yezintuthwane, kodwa iyindlovukazi ngomqondo wokuthi izalela amaqanda futhi ingumama waleli koloni. Ayizikhiphi iziqondiso. Ngisho nalapho zingalawulwa induna noma umqondisi oziqondisayo, izintuthwane zisebenza ngokungakhathali emsebenzini wazo.

Njengentuthwane, ingabe nathi akufanele sisebenze ngenkuthalo? Ukusebenza kanzima ukuze sithuthukise umsebenzi wethu kuyasisiza kungakhataliseki ukuthi ukhona yini osibhekile noma cha. Yebo, esikoleni, emsebenzini, nalapho sihlanganyela emisebenzini engokomoya, kufanele senze konke okusemandleni ethu. Njengoba intuthwane izuzisa ngokusebenza kwayo ngenkuthalo, ngakho noNkulunkulu ufuna ukuba ‘sibone okuhle kuwo wonke umshikashika wethu.’ (UmShumayeli 3:13, 22; 5:18) Unembeza ohlanzekile nokwaneliseka komuntu siqu kuyizinzuzo zokusebenza kanzima.—UmShumayeli 5:12.

Esebenzisa imibuzo emibili ewubuciko, uSolomoni uzama ukuphaphamisa ivila ekuvilapheni kwalo: “*Uyakulala kuze kube nini, vilandini? Uyakuvuka nini ebuthongweni bakho na?*” *Ililingisa ngenkulu-*

mo yayo, le nkosi iyanezela: “Ubuthongo obuncane, ukozela okuncane, ukusonga izandla kancane kuze kulalwe, bese kuthi ubumpofu bakho bufike njengomhambuma, nokuswela kwakho nje ngomuntu wesihlangu.” (IzAga 6:9-11) Lapho ivila lisalele, ubumpofu bulifikela ngejubane lomphangi, futhi lihlaselwa ukweswela njengokungathi lihlaselwa umuntu ohlomile. Ngokushesha amasimu omuntu oyivila agcwala ukhula nembati. (IzAga 24:30, 31) Ibhizinisi lakhe lisheshe liwe. Umqashi uyombekezelela kuze kube nini umuntu oyivila? Futhi ingabe umfundi ovilapha ukutadisha angalindela ukuthola imiphumela emihle esikoleni?

Yethembeka

Echaza olunye uhlobo lomkhuba owonakalisa idumela lomuntu emphakathini kanye nobudlelwane bakhe noNkulunkulu, uSolomoni uyaqhubeka: “Umuntu omubi, umuntu wokona, nguye ohamba nomlomo ophambeneyo, oqwayiza amehlo, eshudula ngezinyawo zakhe, ekhomba ngeminwe. Ubuphoxo busenhliziyweni yakhe; uceba okubi ngesikhathi sonke; ususa ukuxabana.”—IzAga 6:12-14.

Lena incazelo echaza umkhohlisi. Ngokuvamile umuntu onamanga uzama ukuwafihla amanga akhe. Kanjani? Hhayi nje kuphela ‘ngenkulumo egwegwile’ kodwa nangokushukuma komzimba. Esinye isazi sathi: “Ukushukuma komzimba, iphimbo, ngisho nezici zobuso kuyizindlela zokukhohlisa ezicatshangelwe; ubuso obumsulwa bufihlé ukukhohlakala nomoya omubi.” Umuntu onjalo ongasizi ngalutho uceba imicabango emibi futhi abangele izingxabano ngaso sonke isikhathi. Ekugcineni kuyomhambela kanjani yena?

OCTOBER 10-16

AMAGUGU ASEZWINI LIKANKULUNKULU | IZAGA 7-11

“Ungayivumeli Inhliziyo Yakho Ukuba Iphambuke”

(IzAga 7:6-12) Ngoba efasiteleni lendlu yami, ngabheka phansi ngehele lami, ⁷ ukuze ngisinge abangenalo ulwazi. Ngaba nesithakazelo lapho ngibona phakathi kwamadodana insizwa eswele inhliziyo, ⁸ idlula ngesitaladi ngasekhoneni elingakwakhe, futhi ihamba ngendlela eya endlini yakhe, ⁹ ngokuhwalala, lapho kuhlwa, ekusondeleni kobusuku nesigayegaye. ¹⁰ Bheka! Kwaba khona owesifazane oyihlangabezayo, ogqoke ingubo yesifebe futhi enenhliziyo enobuqili. ¹¹ Unomsindo nenkani. Izinyawo zakhe azihlali endlini yakhe. ¹² Manje ungaphandle, nanguya

esigcawini, uqamekela eduze kwawo wonke amakhona.

w00 11/15 29-30

“Gcina Imiyalo Yami, Uphile”

USolomoni uyaqhubeka: “Yibophe eminweni yakho [imiyalo yami], uyilobe esibhebheni senhliziyo yakho.” (IzAga 7:3) Njengoba iminwe iphambi kwamehlo ethu futhi ibalulekile ekufezeni izinjongo zethu, izifundo ezifundwa ngokukhuliswa ngemiBhalo noma ngokuzuzwa ulwazi lweBhayibheli kufanele zihlale ziyisikhumbuzo nesiqondiso kukho konke esikwenzayo. Le miyalo kufanele siyiqophe esibhebheni senhliziyo yethu, siyenze ibe yingxenywe yethu.

Ingakukhohliwe ukubaluleka kokuhlakanipha nokuqonda, le nkosi iyanxusa: “Yisho kukho ukuhlakanipha: ‘Ungudadewethu,’ ubize ukuqonda ngokuthi owazana nawe.” (IzAga 7:4) Ukuhlakanipha yikhono lokusebenzisa ulwazi oluvela kuNkulunkulu ngendlela efanele. Ukuhlakanipha kufanele sikuthande njengodadewethu esimkhonzile. Ukuqonda kuyini? Kuyikhono lokubona indaba futhi uthole umqondo wayo ngokuqonda ukuthi izingxenywe zayo zihlobana kanjani nayo iyonke. Ukuqonda kumelwe kusondelane nathi njengomngane oseduze.

Kungani kufanele sinamathele ekuqeqeshweni okungokomBhalo futhi sihlakulele ukusondelana nokuhlakanipha nokuqonda? Ukuze “[kusigcine] kowesifazane ondayo, kumfokazi owenza bushelezi amazwi akhe.” (IzAga 7:5) Yebo, ukwenza kanjalo kuyosivikela ezindleleni ezibushelelezi nezikholisayo zomfokazi—umuntu oziphethe kabi.

Insizwa Ihlanguana ‘Nowesifazane Onobuqili’

Inkosi yakwa-Israyeli ibe isichaza lokho ekubone ngawayo: “Ngokuba efasiteleni lendlu yami ngalunguza eheleni lami, ngabheka phakathi kwabangenalwazi, ngabona phakathi kwabasha insizwa engenakuqonda, edlula esitaladini eduze negumbi lakhe [ikhona langakwakhe], iya endleleni yendlu yakhe, sekuhwelela kusihlwa, esigayegayeni sobusuku nobumnyama.”—IzAga 7:6-9.

Ifasitela uSolomoni alunguza ngalo linehele—ngokusobala elinezintingo eziphiciwe mhlawumbe futhi eziqoshwe kahle. Njengoba kuhwalala, imigwaqo iba mnyama. Ubona insizwa echayeke engozini. Intu-la ukuqonda, noma ukuhluzeka kwengqondo. Cishe, iyazi ukuthi injani le ndawo ekuyo nokuthi kungenzekani kuyo lapha. Le nsizwa isondela eduze “negumbi lakhe,” elisendleleni eya kwakhe. Ubani? Uzokwenzani?

Le nkosi eqaphelisisayo iyaqhubeka: “Bheka, isihlangabezwa ngowesifazane; izingubo zakhe zingezesifebe, enobuqili enhliziyweni. [“Unomsindo

nenkani,” NW]; izinyawo zakhe azihlali endlini yakhe; manje usemigwaqweni, nangu usezigcawini, uqamekela emagumbini onke.”—IzAga 7:10-12.

Indlela agqoke ngayo lona wesifazane isho lukhulu ngaye. (Genesis 38:14, 15) Ugqoke ngendlela engahloniphekile, njengesifebe. Ngaphezu kwalokho, unobuqili enhliziyweni—umqondo wakhe “uyakhohli-sa,” “unamaqhinga.” (An American Translation; New International Version) Unomsindo nenkani, ukhulu-ma kakhulu, akakhuzeki, uyiqhalaqhala futhi uyedelela. Kunokuba ahlale ekhaya, ukhetha ukuya ezindaweni zomphakathi, ame emakhoneni emigwaqo ukuze abambe izisulu zakhe. Ulindele umuntu onjengale nsizwa.

‘Amazwi Amaningi Amahle’

Le nsizwa ihlangana kanjalo nowesifazane ondindayo onecebo lobuqili. Yeka indlela okumelwe ukuba kwamdonsa ngayo uSolomoni lokhu! Uyalandisa: “Useyayibamba, uyayanga; uthwala amehlo, uthi kuyo: ‘Imihlatshelo yeminikelo yokuthula yayingifanele; namuhla sengigcwalisile izithembiso zami. Ngalokho ngiphumile ukukhlangabeza ukuba ngifunisise ubuso bakho; sengikutholile.’”—IzAga 7:13-15.

Lona wesifazane ulalisa ulimi. Ukhuluma ngokuze-themba, eziqinisa. Konke akushoyo ukhulele kahle ukuze ayengele le nsizwa ebulilini. Uzishaya olungile ngokuyitshela ukuthi wenzé imihlatshelo yeminikelo yokuthula ngalona lolo suku futhi wagcwalisa izithembiso zakhe, esikisela ukuthi akalintuli ingokomoya. Ethempelini laseJerusalema imihlatshelo yeminikelo yokuthula yayiba yinyama, ufulawa, amafutha newayini. (Levitikusi 19:5, 6; 22:21; Numeri 15:8-10) Njengoba onikelayo ayengazithathela yena nomkhaya wakhe ingxenye yomhlatshelo weminikelo yokuthula, lona wesifazane usikisela ukuthi unenala yokudliwayo nokuphuzwayo endlini yakhe. Kusobala lokho akugudliselayo: Le nsizwa izozitika kwakhe. Uphume endlini yakhe ezofuna yona nje. Kwaze kwathinta inhliziybo—uma ekhona ongakholelwa into enjalo. Esinye isazi seBhayibheli sithi: “Kuyiqiniso ukuthi wayephume ngoba ezofuna othile, kodwa ingabe wayezele ukuzofuna le nsizwa ngokukhethekile? Yisiwula kuphela esasingamkholelwa—mhlawumbe sona lesi.”

Ngemva kokuzenza sikhange ngendlela esigqoke ngayo, ngamazwi aso athophayo, ngokwanga nangokuqabula, lesi sifebe sisebenzisa iphunga. Sithi: “Ngendlele umbhede wami ngezindwangu zokumboza, nelineni elinemishwe laseGibithe. Ngifafazile umbhede wami ngemure, nangomhlaba, nangokinamona.” (IzAga 7:16, 17) Silungisé umbhede waso kahle ngelineni laseGibithe elimibalabala,

sawuqhola ngamakha ekhethelo emure, inhlaba nesinamoni.

Siyaqhubeka: “Woza sizanelise ngothando kuze kuse, sijabule ngokuthandana.” Simemela le nsizwa kokungaphezu nje kwesidlo esimnandi sabo bobabili. Siyithembisa ukuhlanganyela ubulili. Kule nsizwa, lokhu kuyinto entsha nebangela ukwesasa! Eqhubeka eyiyenga, lona wesifazane uyanezela: “Ngokuba indoda yami ayikho ekhaya; ihambile uhambo olude; yaphatha isikhwama semali ngesandla sayo; iyakubuyela ekhaya ngosuku lokhlangana kwenyanga.” (IzAga 7:18-20) Uyayiqinisekisa ukuthi cha bazophepha impela, ngoba umyeni wakhe uhambe ngomsebenzi futhi ngeke abuye ngokushesha. Yeka ukuthi unekhono kanjani ekuphambeni umuntu osemusha! “Uyamphambukisa ngamazwi akhe amaningi amahle; ngokuthopha kwezindebe zakhe uyamyenga.” (IzAga 7:21) Ukumelana nokuyengwa okunjena kungadinga indoda enjengoJosefa. (Genesis 39:9, 12) Ingabe le nsizwa injengaye?

(IzAga 7:13-23) Useyibambile wayanga. Uziqinisele, futhi uqala ukuthi kuyo: ¹⁴ “Imihlatshelo yenhlanganyelo ibiyisibopho kimi. Namuhla ngizigcwalisile izithembiso zami. ¹⁵ Yingakho ngiphumile ngizokhlangabeza, ngifune ubuso bakho, ukuze ngikuthole. ¹⁶ Umbhede wami ngiwuhlobisile ngezindwangu zokwemboza, ngezinto ezimibalabala, ilineni laseGibithe. ¹⁷ Ngifafazé umbhede wami ngemure, inhlaba nesinamoni. ¹⁸ Woza, masiphuze uthando sizanelise kuze kuse; masizijabulise ngokubonisana uthando. ¹⁹ Ngoba umyeni wami akekho ekhaya; uthathé uhambo olude. ²⁰ Uthathé isikhwama semali. Uyobuyela ekhaya mhla inyanga igcwele.” ²¹ Uyidukisile ngobuningi bokuthonya kwakhe. Uyiyinga ngokushesha kwezindebe zakhe. ²² Ngokushesha iyamlandela, njengenkunzi iyohlatshwa, nanjengokungathi nje iboshiwe ukuze ithole isiyalo somuntu oyisiwula, ²³ kuze kube yilapho umcibisholo uklaya isibindi sayo sivuleke, njengalapho nje inyoni ishesha ukuya esicuphweni, ayazi ukuthi lokhu kuthinta wona kanye umphefumulo wayo.

w00 11/15 30-31

“Gcina Imiyalo Yami, Uphile”

Le nkosi eqaphelisisayo iyaqhubeka: “Bheka, isihlangabezwa ngowesifazane; izingubo zakhe zingezesifebe, enobuqili enhliziyweni. [“Unomsindo nenkani,” NW]; izinyawo zakhe azihlali endlini yakhe; manje usemigwaqweni, nangu usezigcawini, uqamekela emagumbini onke.”—IzAga 7:10-12.

Indlela agqoke ngayo lona wesifazane isho lukhulu ngaye. (Genesise 38:14, 15) Ugqoke ngendlela engahloniphekile, njengesifebe. Ngaphezu kwalokho, unobuqili enhliziyweni—umqondo wakhe “uyakhohli-sa,” “unamaqhinga.” (*An American Translation; New International Version*) Unomsindo nenkani, ukhulu-ma kakhulu, akakhuzeki, uyiqhalaqhala futhi uyedelela. Kunokuba ahlale ekhaya, ukhetha ukuya ezindaweni zomphakathi, ame emakhoneni emigwaqo ukuze abambe izisulu zakhe. Ulindlele umuntu onjengale nsizwa.

‘Amazwi Amaningi Amahle’

Le nsizwa ihlangana kanjalo nowesifazane ondindayo onecebo lobuqili. Yeka indlela okumelwe ukuba kwamdonsa ngayo uSolomoni lokhu! Uyalandisa: “Useyayibamba, uyayanga; uthwala amehlo, uthi kuyo: ‘Imihlatshelo yeminikelo yokuthula yayingifanele; namuhla sengigcwalisile izithembiso zami. Ngalokho ngiphumile ukukuhlangabeza ukuba ngifunise ubuso bakho; sengikutholile.’”—IzAga 7:13-15.

Lona wesifazane ulalisa ulimi. Ukhuluma ngokuze-themba, eziqinisa. Konke akushoyo ukuhlele kahle ukuze ayengele le nsizwa ebulilini. Uzishaya olungile ngokuyitshela ukuthi wenzé imihlatshelo yeminikelo yokuthula ngalona lolo suku futhi wagcwalisa izithembiso zakhe, esikisela ukuthi akalintuli ingokomoya. Ethempelini laseJerusalema imihlatshelo yeminikelo yokuthula yayiba yinyama, ufulawa, amafutha newayini. (Levitikusi 19:5, 6; 22:21; Numeri 15:8-10) Njengoba onikelayo ayengazithathela yena nomkhaya wakhe ingxenye yomhlatshelo weminikelo yokuthula, lona wesifazane usikisela ukuthi unenala yokudliwayo nokuphuzwayo endlini yakhe. Kusobala lokho akugudliselayo: Le nsizwa izozitika kwakhe. Uphume endlini yakhe ezofuna yona nje. Kwaze kwathinta inhliziyi bo—uma ekhona ongakholelwa into enjalo. Esinye isazi seBhayibheli sithi: “Kuyiqiniso ukuthi wayephume ngoba ezofuna othile, kodwa ingabe wayezele ukuzofuna le nsizwa ngokukhethekile? Yisiwula kuphela esasingamkhohlwa—mhlawumbe sona lesi.”

Ngemva kokuzenza sikhange ngendlela esigqoke ngayo, ngamazwi aso athophayo, ngokwanga nangokuqabula, lesi sifebe sisebenzisa iphunga. Sithi: “*Ngendlele umbhede wami ngezindwangu zokumboza, nelineni elinemishwe laseGibithe. Ngifafazile umbhede wami ngemure, nangomhlaba, nangokinamona.*” (IzAga 7:16, 17) Silungisé umbhede waso kahle ngelineni laseGibithe elimibalabala, sawuqhola ngamakha ekhethelo emure, inhlabane sinamoni.

Siyaqhubeka: “*Woza sizanelise ngothando kuze kuse, sijabule ngokuthandana.*” Simemela le nsizwa

kokungaphezu nje kwesidlo esimnandi sabo bobabili. Siyithembisa ukuhlanganyela ubulili. Kule nsizwa, lokhu kuyinto entsha nebangela ukwesasa! Eqhubeka eyiyenga, lona wesifazane uyanezela: “*Ngokuba indoda yami ayikho ekhaya; ihambile uhambo olude; yaphatha isikhwama semali ngesandla sayo; iyakubuyela ekhaya ngosuku lokuhlangana kwenyanga.*” (IzAga 7:18-20) Uyayiqinisekisa ukuthi cha bazophepha impela, ngoba umyeni wakhe uhambe ngomsebenzi futhi ngeke abuye ngokushesha. Yeka ukuthi unekhono kanjani ekuphambeni umuntu osemusha! “*Uyamphambukisa ngamazwi akhe amaningi amahle; ngokuthopha kwezindebe zakhe uyamyenga.*” (IzAga 7:21) Ukumelana nokuyengwa okunjena kungadinga indoda enjengoJosefa. (Genesise 39:9, 12) Ingabe le nsizwa injengaye?

“Njengenkabi Iya Ekuhlatshweni”

USolomoni uyabika: “[*Iyamlandela*] *masinyane njengenkabi iya ekuhlatshweni nanjengamaketanga ehlela isiboshwa esiyisiwula, umcibisholo uze uhlabbe isibindi sakhe njengenyoni isheshela ogibeni, ingazi ukuthi lubekelwe ukuphila kwayo.*”—IzAga 7:22, 23.

Le nsizwa iyehluleka ukumelana nalesi simemo. Ingakunaki ukuhluzeka kwengqondo, imlandela “njengenkabi iya ekuhlatshweni.” Njengoba nje umuntu oboshwe ngamaketanga engenakuphunyula ekujezisweni, le nsizwa idonsekelwa esonweni. Ayiyiboni ingozi kuze kube yilapho ‘umcibisholo uhlabbe isibindi sayo,’ okusho ukuthi, ithola inxeba elingayibulala. Ingase ife ngokoqobo ngoba izichaya ezifweni ezibulalayo ezidluliselwa ngobulili. Inxeba lingayibulala futhi ngokomoya; ‘libekelwe ukuphila kwayo.’ Ubuqu bayo bonke nokuphila kwayo kuthinteka kakhulu njengoba yone ngokungathi sina kuNkulunkulu. Kanjalo isheshela ekuxhakathisweni ukufa njengenyoni iyongena ogibeni!

“Ungahambi Emikhondweni Yakhe”

Ngemva kokunikeza isifundo ngalokho ekubonile, inkosi ehlananiphile iyanxusa: “*Ngalokho, bantwana, ngizweni, nilalele amazwi omlomo wami. Inhliziyoyakho mayingaphambukeli ezindleleni zakhe, unghambi emikhondweni yakhe. Ngokuba uwisile phansi abaninzi abalimeleyo; ababuleweyo bakhe bayisixuku esikhulu. Indlu yakhe iyindlela eya endaweni yabafuleyo, yehlela emakamelweni okufa.*”—IzAga 7:24-27.

Kusobala ukuthi uSolomoni useluleka ukuba sidade ezindleleni ezibulalayo zomuntu oziphethe kabi futhi ‘siphile.’ (IzAga 7:2) Yeka ukuthi lesi seluleko sifaneleka kanjani osukwini lwethu! Sikhona nge mpela isidingo sokugwema izindawo ezivame ukuba nalabo abalinde ukubamba izisulu. Ungazifakelani

emaqhingeni abo ngokuya ezindaweni ezinjalo? Kungani kufanele kube nguwe “ongenakuqonda,” ozulela ezindleleni ‘zomfokazi’?

“Owesifazane ondindayo” owabonwa yinkosi w-
nxenxa le nsizwa ngokuyimema ukuba ‘bazanelise
ngothando.’ Ingabe intsha eningi—ikakhulu amanto-
mbazane—ayizange yini yoniwe ngendlela efanayo?
Kodwa cabanga: Lapho othile ezama ukuku-
yengela ekuziphatheni okubi kobulili, ingabe lokho
kuwuthando lwangempela noma yisifiso sobulili esi-
nobugovu? Indoda emthanda ngempela owesifazane
ingamcindezelelani ukuba enze okuphambene noku-
qeqeshwa kwakhe nonembeza wakhe wobuKristu?
“Inhliziyo yakho mayingaphambukeli” ezindleleni ezi-
njalo, kuyala uSolomoni.

Umuntu oyengela ebulilini ngokuvamile ulalisa ulimi
ngamazwi ahlelwe kahle. Ukugcina ukuhlakanipha
nokuqonda kuseduze nathi kuyosisiza sizibone izi-
nhloso zakhe. Ukungakukhohlwa lokho uJehova
akuyalile kuyosivikela. Ngakho-ke, kwangathi njalo
singalwela ‘ukugcina imiyalo kaNkulunkulu, siphile’
phakade.—1 Johane 2:17.

(IzAga 7:4, 5) Yithi ekuhlakanipheni: “Wena
ungudadewethu”; kwangathi ungabiza ukuqonda
ngokuthi “Sihlobokazi,”⁵ ukuze kukuqaphe kowe-
sifazane ongaziwa, kowesifazane wesinye isizwe
owenze amazwi akhe aba bushellezi.

(IzAga 7:24-27) Manje, madodana, ngilalele-
ni ninake amazwi omlomo wami.²⁵ Kwangathi
inhliziyu yenu ingephambukele ezindleleni zakhe.
Ninganhlanhlatheli emendweni yakhe.²⁶ Ngoba
baningi ababangele ukuba bawe bebulewe futhi
bonke ababulawa nguye baningi.²⁷ Indlu yakhe
iyizindlela eziya eShiyoli; zehlela emakamelweni
okufa angaphakathi.

w00 11/15 29

“Gcina Imiyalo Yami, Uphile”

USolomoni uyaqhubeka: “*Yibophe eminweni yakho
[imiyalo yami], uyilobe esibhebheni senhliziyo
yakho.*” (IzAga 7:3) Njengoba iminwe iphambi kwa-
mehlo ethu futhi ibalulekile ekufezeni izinjongo
zethu, izifundo ezifundwa ngokukhuliswa ngemiBha-
lo noma ngokuzuzwa ulwazi lweBhayibheli kufanele
zihlale ziyisikhumbuzo nesiqondiso kukho konke esi-
kwenzayo. Le miyalo kufanele siyiqophe esibhebheni
senhliziyo yethu, siyenze ibe yingxenywe yethu.

Ingakukhohliwe ukubaluleka kokuhlakanipha no-
kuqonda, le nkosi iyanxusa: “Yisho kukho
ukuhlakanipha: ‘Ungudadewethu,’ ubize ukuqonda
ngokuthi owazana nawe.” (IzAga 7:4) Ukuhlakanipha
yikhono lokusebenzisa ulwazi oluvela kuNkulunkulu

ngendlela efanele. Ukuhlakanipha kufanele sikutha-
nde njengodadewethu esimkhonzile. Ukuqonda
kuyini? Kuyikhono lokubona indaba futhi uthole
umqondo wayo ngokuqonda ukuthi izingxenywe zayo
zihlobana kanjani nayo iyonke. Ukuqonda kumelwe
kusondelane nathi njengomngane oseduze.

Kungani kufanele sinamathele ekuqeqeshweni oku-
ngokomBhalo futhi sihlakulele ukusondelana
nokuhlakanipha nokuqonda? Ukuze “[kusigcine] ko-
wesifazane ondindayo, kumfokazi owenza bushellezi
amazwi akhe.” (IzAga 7:5) Yebo, ukwenza kanjalo
kuyosivikela ezindleleni ezibushelelezi nezikholisayo
zomfokazi—umuntu oziphethe kabi.

Insizwa Ihlangani ‘Nowesifazane Onobuqili’

Inkosi yakwa-Israyeli ibe isichaza lokho ekubo-
ne ngawayo: “*Ngokuba efasiteleni lendlu yami
ngalunguza eheleni lami, ngabheka phakathi kwa-
bangelwazi, ngabona phakathi kwabasha insizwa
engenakuqonda, edlula esitaladini eduze negumbi
lakhe [ikhona langakwakhe], iya endleleni yendlu
yakhe, sekuhwelela kusihlwa, esigayegayeni sobu-
suku nobumnyama.*”—IzAga 7:6-9.

Ifasitela uSolomoni alunguza ngalo linehele—ngo-
kusobala elinezintango eziphiciwe mhlawumbe futhi
eziqoshwe kahle. Njengoba kuhwalala, imigwaqo iba
mnyama. Ubona insizwa echayeke engozini. Intu-
la ukuqonda, noma ukuhluzeka kwengqondo. Cishe,
iyazi ukuthi injani le ndawo ekuyo nokuthi kungenze-
kani kuyo lapha. Le nsizwa isondela eduze “negumbi
lakhe,” elisindleleni eya kwakhe. Ubani? Uzokwe-
nzani?

w00 11/15 31

“Gcina Imiyalo Yami, Uphile”

‘Njengenkabi Iya Ekuhlatshweni’

USolomoni uyabika: “[*Iyamlandela*] *masinyane nje-
ngenkabi iya ekuhlatshweni nanjengamaketanga
ehlela isiboshwa esiyisiwula, umcibisholo uze uhla-
be isibindi sakhe njengenyoni isheshela ogibeni,
ingazi ukuthi lubekelwe ukuphila kwayo.*”—IzAga 7:
22, 23.

Le nsizwa iyehluleka ukumelana nalesi simemo.
Ingakunaki ukuhluzeka kwengqondo, imlandela “nje-
ngenkabi iya ekuhlatshweni.” Njengoba nje umuntu
oboshwe ngamaketanga engenakuphunyuza ekuje-
zisweni, le nsizwa idonsekela esonweni. Ayiyiboni
ingozi kuze kube yilapho ‘umcibisholo uhlabisa isibindi
sayo,’ okusho ukuthi, ithola inxeba elingayibulala.
Ingase ife ngokoqobo ngoba izichaya ezifweni ezi-
bulalayo ezidluliselwa ngobulili. Inxeba lingayibulala
futhi ngokomoya; ‘libekelwe ukuphila kwayo.’ Ubuqu
bayo bonke nokuphila kwayo kuthinteka kakhulu nje-
ngoba yone ngokungathi sina kuNkulunkulu. Kanjalo

isheshela ekuxhakathisweni ukufa njengenyoni iyo-
ngena ogibeni!

“Ungahambi Emikhondweni Yakhe”

Ngemva kokunikeza isifundo ngalokho ekubonile,
inkosi ehlananiphile iyanxusa: *“Ngalokho, bantwana,
ngizweni, nilalele amazwi omlomo wami. Inhliziyo
yakho mayingaphambukeli ezindleleni zakhe,
ungahambi emikhondweni yakhe. Ngokuba uwisile
phansi abaningi abalimeleyo; ababuleweyo ba-
khe bayisixuku esikhulu. Indlu yakhe iyindlela eya
endaweni yabafuleyo, yehlela emakamelweni okufa.”*
—IzAga 7:24-27.

Kusobala ukuthi uSolomoni useluleka ukuba sidede
ezindleleni ezibulalayo zomuntu oziphethe kabi futhi
‘siphile.’ (IzAga 7:2) Yeka ukuthi lesi seluleko sifa-
neleka kanjani osukwini lwethu! Sikhona ngempela
isidingo sokugwema izindawo ezivame ukuba nalabo
abalinde ukubamba izisulu. Ungazifakelani emaqhi-
ngeni abo ngokuya ezindaweni ezinjalo? Kungani
kufanele kube nguwe “ongenakuqonda,” ozulela ezi-
ndleleni ‘zomfokazi’?

“Owesifazane ondindayo” owabonwa yinkosi wa-
nxenxa le nsizwa ngokuyimema ukuba ‘bazanelise
ngothando.’ Ingabe intsha eningi—ikakhulu amanto-
mbazane—ayizange yini yoniwe ngendlela efanayo?
Kodwa cabanga: Lapho othile ezama ukuku-
yengela ekuziphatheni okubi kobulili, ingabe lokho
kuwuthando lwangempela noma yisifiso sobulili esi-
nobugovu? Indoda emthanda ngempela owesifazane
ingamcindezelelani ukuba enze okuphambene noku-
qeqeshwa kwakhe nonembeza wakhe wobuKristu?
“Inhliziyo yakho mayingaphambukeli” ezindleleni ezi-
njalo, kuyala uSolomoni.

Umuntu oyengela ebulilini ngokuvamile ulalisa ulimi
ngamazwi ahlelwe kahle. Ukugcina ukuhlakanipha
nokuqonda kuseduze nathi kuyosisiza sizibone izi-
nhloso zakhe. Ukungakukhohlwa lokho uJehova
akuyalile kuyosivikela. Ngakho-ke, kwangathi njalo
singalwela ‘ukugcina imiyalo kaNkulunkulu, siphile’
phakade.—1 Johane 2:17.

Ukumba Sifuna Ingcebo Engokomoya

(IzAga 9:7-9) Oqondisa umhleki wosulu uzitha-
thela ihlazo, naye osola omubi—isici ukuba
sibe kuye. ⁸ Ungamsoli umhleki wosulu, uku-
ze angakuzondi. Sola umuntu ohlakaniphile,
uyokuthanda. ⁹ Nika umuntu ohlakaniphile, uyo-
hlakanipha ngokwengeziwe. Dlulisela ulwazi
kolungile uyoqhubeka efunda.

w01 5/15 29-30

‘Ngokuhlakanipha Izinsuku Zethu Ziyakuba Ziningi’

AmaKristu kumelwe asamukele ngokuthobeka isiya-

lo sokuhlakanipha. Lokhu kunjalo ngokukhethekile
kwabasebasha nakulabo abasanda kuqala ukufunda
ngoJehova. Ngenxa yokuthi basebasha ezindleleni
zikaNkulunkulu, bangase ‘baswele inhliziyo.’ Aku-
khona ukuthi zonke izisusa zabo zimbi, kodwa
kuthatha isikhathi nomzamo ukwenza inhliziyo
ibe sesimweni esimjabulisa ngempela uJehova
uNkulunkulu. Kudinga senze imicabango, izifiso, esi-
kuthandayo nemigomo yethu kuvumelane nalokho
uNkulunkulu akuvumelayo. Yeka indlela okubaluleke
ngayo ‘ukwakha ukulangazelela ubisi olungonakalisi-
we olungolwezwi.’—1 Petru 2:2.

Eqinisweni, akufanele yini sonke sidlulele ngale ‘kwe-
mfundiso yokuqala’? Kuyadingeka ngempela ukuba
sihlakulele isithakazelo “ezintweni ezijulile zikaNku-
lunkulu” futhi sizondle ngokudla okuqinile kwabantu
abavuthiwe. (Heberu 5:12–6:1; 1 Korinte 2:10)
“Isigqila esikholekile nesiqondayo,” uJesu Kristu
asengamele ngokuqondile, sikulungiselela ngenku-
thalo ukudla okungokomoya kwawo wonke umuntu
okufika ngesikhathi. (Mathewu 24:45-47) Kwa-
ngathi singasina sizibethele etafuleni lokuhlakanipha
ngokulitadisha ngenkuthalo iZwi likaNkulunkulu ne-
zincwadi ezisekelwe eBhayibhelini ezilungiselelwa
yisigaba sesigqila.

“Ungamsoli Umhleki Wosulu”

Izimfundiso zokuhlakanipha zihlanganisa ukulungisa
nokusola. Akuwona wonke umuntu osamukelayo lesi
sici sokuhlakanipha. Ngakho, isiphetho sengxenye
yokuqala yencwadi yezAga sinesixwayiso: *“Oqondi-
sa umhleki wosulu uzithathela ihlazo, naye osola
omubi—isici ukuba sibe kuye. Ungamsoli umhleki
wosulu, ukuze angakuzondi.”*—IzAga 9:7, 8a, NW.

mhleki wosulu uyamcasukela futhi amzonde lowo
ozama ukuqondisa indlela yakhe. Umuntu omu-
bi akakwazisi ukubaluleka kokusolwa. Yeka ukuthi
kuwubuwula kangakanani ukuzama ukufundisa iqini-
so elihle leZwi likaNkulunkulu kumuntu olizondayo
iqiniso noma omane afune ukulihleka usulu! La-
pho umphostoli uPawulu eshumayela e-Antiyokiya,
wahlangana neqembu lamaJuda ayengalithandi iqini-
niso. Azama ukumhila ngenkulumo ngokumphikisa
ngendlela ehlabalazayo, kodwa uPawulu wavele
wathi: “Njengoba nilikhaphezela kude nani futhi ni-
ngazahluleli njengabakufanelekelayo ukuphila okumi
phakade, bhekani! siphendukela ezizweni.”—IzEnzo
13:45, 46.

Njengoba sizama ukufinyelela abanhliziyo ziqotho
ngezindaba ezinhle zoMbuso, kwangathi singaqaphela
ukuba singangeni ezimpikiswaneni nabahleki
bosulu. UKristu Jesu wayala abafundi bakhe: “Lapho
ningena endlini, yibingeleleni leyondlu; futhi uma
indlu ifanele, ukuthula eniyifisela khona makwehlele

kuyo; kodwa uma ingafanele, ukuthula okuvela kini makubuyele kini. Nomaphi lapho umuntu enganamukeli khona noma angawalaleli amazwi enu, lapho niphuma kuleyondlu noma kulowomuzi nithuntuthe uthuli ezinyaweni zenu.”—Mathewu 10:12-14.

Umuntu ohlakaniphile usabela ngendlela ehlukele kweyomhleki wosulu lapho esolwa. USolomoni uthi: *“Sola umuntu ohlakaniphile, uyokuthanda. Nika umuntu ohlakaniphile, uyohlakanipha ngokwengeziwe.”* (IzAga 9:8, 9, NW) Umuntu ohlakaniphile uyazi ukuthi *“asikho isiyalo esibonakala okwamanje sengathi siyajabulisa, kodwa sibanga usizi; nokho kamuva labo abaqeqeshwe yiso sibathelela isithelo esinokuthula, okuwukuthi, ukulunga.”* (Heberu 12:11) Nakuba iseluleko singase sizwakale sibuhlungu, singaziphindiselelani noma sizivikele uma kanti ukusamukela kuzosenza sihlakaniphe nakakhulu?

Inkosi ehlaniphile iyaqhubeka: *“Fundisa olunqileyo, uyakwenezela emfundweni.”* (IzAga 9:9b) Akekho umuntu ohlakaniphe kakhulu noma osemidala kakhulu ukuba angaqhubeka efunda. Yeka ukuthi kujabulisa kanjani ukubona ngisho nasebegugile bamukela iqiniso futhi bezinikezela kuJehova! Kwangathi nathi singazama ukuhlala sizimisele ukufunda, sigcine ingqondo ikhaliphile.

‘Iminyaka Yokuphila Iyakwenezelwa Kuwe’

Egcizelela iphuzu eliyinhloko lale ndaba akhuluma ngayo, uSolomoni uhlanganisa nemfuneko ebalulekile ukuze umuntu azuze ukuhlakanipha. Uyabhala: *“Ukuqala kokuhlakanipha kungukumesaba uJehova, nokumazi oNgcwele kungukuqonda.”* (IzAga 9:10) Ngaphandle kokwesaba uNkulunkulu weqiniso ngokujulile nangenhlonipho, umuntu akanakuba nokuhlakanipha kokuhlonipha uNkulunkulu. Umuntu angase abe nengqondo egcwele ulwazi, kodwa uma engamesabi uJehova, ngeke akwazi ukusebenzisa lolu lwazi ngendlela edumisa uMdali. Angase asebenzise namaqiniso aziwayo ukuze afinyelele iziphetho ezinganembile, azenze abonakale eyisiwula. Ngaphezu kwalokho, ulwazi ngoJehova, oNgcwele, kubalulekile ukuze sithole ukuqonda, isici esiphawulekayo sokuhlakanipha.

Kuveza ziphi izithelo ukuhlakanipha? (IzAga 8:12-21, 35) Inkosi yakwa-Israyeli ithi: *“Ngami izinsuku zakho ziyakuba ziningi, neminyaka yokuphila kwakho iyakwenezelwa kuwe.”* (IzAga 9:11) Ubude bezinsuku neminyaka yokuphila kuwumphumela wokuzihlanganisa nokuhlakanipha. Yebo, *“ukuhlakanipha kulondoloza ukuphila kwalowo onakho.”*—UmShumayeli 7:12.

Ukwenza umzamo wokuzuzisa ukuhlakanipha kuwumthwalo wethu ngabanye. Egcizelela leli qiniso, uSolomoni uthi: *“Uma uhlakaniphile, uzihlaka-*

niphile; uma udelela [“uhleka usulu,” NW], uyakukuthwala wena wedwa.” (IzAga 9:12) Ukuhlakanipha komuntu ohlakaniphile kuzuzisa yena, kanti umhleki wosulu uzibangela yena ngokwakhe ukuhlupheka. Ngempela, sivuna lokho esikutshalayo. Ngakho, kwangathi *‘singabeka indlebe ekuhlakanipheni.’*—IzAga 2:2.

“Owesifazane Oyisiphukuphuku Unomsindo”

USolomoni ube esekhuluma ngento ephambene nokuhlakanipha, ethi: *“Owesifazane oyisiphukuphuku unomsindo. Uwukungabi nangqondo ngokwakho futhi akazi lutho nhlobo. Uhlezi emnyango wendlu yakhe, esihlalweni, ezindaweni eziphakeme zomzana, ukuze amemeze labo abadlula ngendlela, labo abahamba baqonde phambili ezindleleni zabo, athi: ‘Noma ubani ongenalwazi, makaphambukele ngapha.’”*—IzAga 9:13-16a, NW.

Ubuwula bufanekiswa ngowesifazane onomsindo, onganqandeki noyisiphukuphuku. Naye uzakhele indlu. Uzimemezela mathupha noma ubani ongenalwazi. Ngakho abadlulayo bangazikhethela. Ingabe bazokwamukela isimemo sokuhlakanipha noma esobuwula?

“Amanzi Ebiweyo Amnandi”

Kokubili ukuhlakanipha nobuwula kumema abalalele ukuba *‘baphambukele ngapha.’* Nokho, lezi zimemo azifani. Ukuhlakanipha kumemela abantu edilini lewayini, inyama nesinkwa. Ubuwula bona buthembisa into esikhumbuza izindlela zowesifazane ongenasimilo. USolomoni uthi: *“Kongenangqondo uthi: ‘Amanzi ebiweyo amnandi, nesinkwa sentukuso singesenamisayo.’”*—IzAga 9:16b, 17.

(IzAga 10:22) Isibusiso sikaJehova—yiso esicebisayo, futhi akenezeli ubuhlungu kanye naso.

w06 5/15 26-30 ¶13-16

Injabulo Yokuhamba Ebuqothweni

³ IzAga 10:22 zithi: *“Isibusiso sikaJehova—yiso esicebisayo, futhi akenezeli ubuhlungu kanye naso.”* Ukuchuma okungokomoya kwezinceku zikaJehova zanamuhla akusona yini isibusiso okufanele sisenze sijabule? Ake sixoxe ngezinye zezici zokuchuma kwethu okungokomoya sibone ukuthi zisithinta kanjani thina ngabanye. Ukuzinika isikhathi sokuzindla ngezibusiso uJehova azithululele phezu *‘kolungileyo ohamba ebuqothweni bakhe’* kuzokuqinisa ngempela ukuzimisela kwethu ukuba siqhubeke sikhonza uBaba wethu osezulwini ngenjabulo.—IzAga 20:7.

‘Izibusiso Ezisicebisayo’ Manje

⁴ **Ulwazi olunembile lwezimfundiso zeBhayibheli.** Izinkolo zeLobukholwa ngokuvamile zithi ziyalikholelwa iBhayibheli. Nokho, azivumelani ngalokho

elikufundisayo. Ngisho namalungu enkolo eyodwa ngokuvamile aba nemibono ehlukenengalokho imiBhalo ekufundisayo ngempela. Yeka indlela isimo sawo esihluke ngayo kwesezinceku zikaJehova! Kungakhathaliseki ubuzwe noma amasiko ethu, si khulekela uNkulunkulu esimazi nangegama. Akayena unkulunkulu othile ongaqondakali omthathu emunye. (Duteronomi 6:4; IHubo 83:18; Marku 12:29) Siyaqaphela nokuthi impikiswano esemqoka yobukhosi bukaNkulunkulu bendawo yonke izoxazululeka maduze nokuthi ngamunye wethu uhilelekile kule mpikiswano ngokuqondene nokuthi uyobugcina yini ubuqotho. Siyalazi iqiniso ngabafuleyo futhi asikhwantabaliswa ukwesaba uNkulunkulu okuthiwa uhlupha abantu esihogweni somlilo noma ubathumela esihlanzweni.—UmShumayeli 9:5, 10.

⁵ Ngaphezu kwalokho, yeka injabulo okuyiyo ukwazi ukuthi asizange sithuke siba khona ngokuziphendukela kwemvelo okungaqondisiwe! Kunalokho, sadalwa uNkulunkulu futhi senziwe ngomfanekiso wakhe uqobo. (Genesise 1:26; Malaki 2:10) Umhubi wahlabelelela uNkulunkulu wakhe: “Ngizokudumisa ngoba ngenziwe ngokumangalisayo ngendlela eyesabekayo. Imisebenzi yakho iyamangalisa, njengoba nje umphefumulo wami ukuqaphela kahle.”—IHubo 139:14.

⁶ **Ukukhululeka emikhubeni elimazayo.** Imithombo yezindaba ixwayisa njalo ngezinguzi zokubhema, ukuphuza ngokweqile nokuziphatha okubi kobulili. Ngokuvamile, abantu abazinaki lezi zixwayiso. Nokho, kwenzekani lapho umuntu oqotho ethola ukuthi uNkulunkulu weqiniso uyazilahla izinto ezinjalo nokuthi bamzwise ubuhlungu labo abaphila ngazo? Ushukumiseleka ukuba ayiyeke leyo mikhuba! (Isaya 63:10; 1 Korinte 6:9, 10; 2 Korinte 7:1; Efesu 4:30) Nakuba ngokuyinhloko lokhu ekwenzela ukujabulisa uJehova uNkulunkulu, uzuza nangenye indlela—impilo engcono nokuthula kwengqondo.

⁷ Kwabaningi, kunzima kakhulu ukuyeka imikhuba emibi. Noma kunjalo, unyaka ngamunye abantu abangamashumi ezinkulungwane bayayiyeka. Bazinikezela kuJehova babhathizwe emanzini, kanjalo babonise obala ukuthi sebhlukenengemikhuba engamjabulisi uNkulunkulu. Yeka ukuthi lokho kuyisikhuthazo kangakanani kithi sonke! Kusenza sizimisele ngokwengeziwe ukuhlala singaqilaziwe ukuziphatha okuyisono nokulimazayo.

⁸ **Ukuphila komkhaya okujabulisayo.** Emazweni amaningi ukuphila komkhaya kuyawohloka. Imishado eminingi iyachitheka, ngokuvamile izingane zisale nesilonda esibuhlungu ngokomzwelo. Kwamanye amazwe aseYurophu, amaphesenti acishe abangu-20 ayo yonke imikhaya anomzali oyedwa. UJe-

hova uye wasisiza kanjani ukuba sihambe endleleni yobuqotho kulesi sici? Siza ufunde eyabase-Efesu 5:22–6:4, uphawule iseluleko esihle iZwi likaNkulunkulu elisinika amadoda, amakhosikazi nezingane. Ukusebenzisa lokho okushiwo lapho nakweminye imiBhalo kuyasiqinisa ngempela isibopho somshado, kusize abazali ukuba bazikhulise kahle izingane futhi kwenze ukuphila komkhaya kujabulise. Akusona yini lesi isibusiso okufanele sijabule ngenxa yaso?

⁹ **Isiqinisekiso sokuthi izinkinga zezwe zizoxazululeka maduze.** Naphezu kolwazi lwesayensi nezobuchwepheshe nemizamo eqotho yabaholi abathile, izinkinga ezingathi sina zokuphila kwana-muhla zisalokhu zingaxazululekile. Muva nje uKlaus Schwab, umsunguli we-World Economic Forum (iSithangami Somhlaba Sezomnotho), uthe “izinselele umhlaba obhekene nazo ziyanda, kanti isikhathi sokuzisingatha siyancipha.” Ukhulume ‘ngezingozi ezithinta wonke amazwe njengobuphekula, ukucekelwa phansi kwemvelo nokuntengantenga kwezezimali.’ USchwab uphethe ngokuthi: “Manje kunanini ngaphambili, izwe libhekene nezimo ezidinga ukuba kubanjiswane futhi kuthathwe izinyathelo eziwujuqu.” Njengoba ikhulu lama-21 liqhubeka, ikusasa lesintu libonakala lifiphele.

¹⁰ Yeka indlela okwanelisa ngayo ukwazi ukuthi uJehova wenze ilungiselelo elingazixazulula zonke izinkinga zesintu—uMbuso kaNkulunkulu, ophethwe uMesiya! Ngawo, uNkulunkulu weqiniso ‘uyoqeda izimpi’ alethe ‘ukuthula okuchichimayo.’ (IHubo 46:9; 72:7) Inkosi egcotshiwe, uJesu Kristu, ‘iyokhulula ompofu, ohluphekile nophansi ekucindezelweni nasebudloveni.’ (IHubo 72:12–14) Lapho sekubusa lo Mbuso, ukudla ngeke kuntuleke. (IHubo 72:16) UJehova “uyosula zonke izinyembezi emehlweni [ethu], ukufa ngeke kusaba khona, noma ukulila noma ukukhala noma ubuhlungu ngeke kusaba khona. Izinto zangaphambili [ziyobe] zidlulile.” (IsAmbulo 21:4) UMbuso usumisiwe kakade ezulwini futhi maduze uzothatha izinyathelo ezidingekayo ukuze uxazulule zonke izinkinga emhlabeni.—Daniyeli 2:44; IsAmbulo 11:15.

¹¹ **Ukwazi ukuthi yini eletha injabulo yangempela.** Yini eletha injabulo yangempela? Esinye isazi sokusebenza kwengqondo sathi injabulo inezakhi ezintathu—ubumnandi, ukuhileleka kokuthile (njengasezintweni ezenziwa emsebenzini nasekhaya) nenjongo (ukusebenza unomgomo obanzi hhayi ngenjongo yokuzizuzisa wena wedwa). Kulezi zakhi ezintathu, sathi esingabalulekile kangako ubumnandi, sase sithi: “Lokhu kuyaphawuleka ngoba abantu abaningi bagxilisa ukuphila kwabo ekuphishekeleni ubumnandi.” Uyini umbono weBhayibheli kulokhu?

¹² Inkosi yakwa-Israyeli wasendulo, uSolomoni, yathi: “Mina, yebo mina, ngathi enhliziyweni yami: ‘Manje woza, ngikulinge ngokujabula. Futhi, bona okuhle.’ Bheka! Nalokho kwakuyize. Ngathi ekuhlekeni: ‘Ukungaphili engqondweni!’ nasekujabuleni ngathi: ‘Kwenzani lokhu?’” (UmShumayeli 2: 1, 2) NgokwemiBhalo, noma iyiphi injabulo etholaka ebumnandini ingeyesikhashana nje. Kuthiwani ngokuhileleka emsebenzini? Sinomsebenzi onenjongo kunawo wonke esiwenzayo—ukushumayela ngoMbuso nokwenza abafundi. (Mathewu 24:14; 28: 19, 20) Ngokuxoxa nabanye ngomyalezo wensindiso oseBhayibhelini, senza umsebenzi ongasilethela insindiso thina ngokwethu nalabo abasilalelayo. (1 Thimothewu 4:16) ‘Njengezisebenzi ezikanye no-Nkulunkulu,’ siyazizwela ukuthi “kukhona injabulo eyengeziwe ekupheni kunasekwamukeleni.” (1 Korinte 3:9; IzEnzo 20:35) Lo msebenzi wenza ukuphila kwethu kube nenjongo futhi wenza uMdali akwazi ukuphendula omklolodelayo, uSathane uDeveli. (IzAga 27:11) Impela uJehova usibonisile ukuthi ukuzinikela kokumhlonipha kuletha injabulo yangempela nehlayo.—1 Thimothewu 4:8.

¹³ **Isimiso sokuqeqesha esibalulekile nesiphumelelayo.** UGerhard ungumdala ebandleni loFakazi BakaJehova. Uma ezikhumbula esemncane, uthi: “Ngisakhula, nganginenkinga enkulu yokukhuluma. Lapho ngisesimweni esicindezelayo, kwakuvele kubophane ulimi ngingingize. Ngangizizwa ngingelutho, okwangenza ngaba nenkinga yokuzenyeza. Abazali bami bangihlelela ukuba ngenze izifundo zokukhuluma kodwa kwangasiza. Inkinga yami yayisengqondweni, hhayi olimini. Nokho, kwakukhona ilungiselelo elihle kakhulu elivela kuJehova—iSikole Senkonzo Esingokwasezulwini. Ukubhalisa kulesi sikole kwangenza ngaba nesibindi. Ngazama ngokusemandleni ukukusebenzisa lokho engangikufunda. Kwasebenza! Ngakhululeka kanca-ne, kwaphela nokuzenyeza futhi ngaba nesibindi kakhudlwana enkonzweni. Manje senginikeza ngisho nezinkulumo zeningi. Angive ngimbonga uJehova ngokuthuthukisa ukuphila kwami ngalesi sikole.” Indlela uJehova asiqeqeshela ngayo umsebenzi wakhe ayisona yini isizathu sokujabula?

¹⁴ **Ubuhlobo bomuntu siqu noJehova nokusekelwa abazalwane bomhlaba wonke abanobunye.** UKatrin, ohlala eJalimane, wakhathazeka kakhulu lapho ezwa ngokuzamazama okukhulu komhlaba nange-tsunami eyabangelwa yikho eningizimu-mpumalanga ye-Asia. Indodakazi yakhe yayivakashela eThailand lapho kwenzeka le nhlekelele. Kwaphela amahora angu-32 lo mama engazi ukuthi indodakazi yakhe iyaphila noma iphakathi kwabantu ababefi-

le ababelokhu banda ihora ngalinye. Yeka indlela uKatrin ajabula ngayo lapho ekugcineni ethola ucingo olwamqinisekisa ukuthi indodakazi yakhe iphephile!

¹⁵ Yini eyasiza uKatrin kulawo mahora okukhathazeka? Uyabhala: “Cishe sonke lesi sikhathi ngangithandaza kuJehova. Ngaphawula kaningi ukuthi lokhu kunginika amandla nokuthula okukhulu kwengqondo. Ngaphezu kwalokho, abafowethu abangokomoya abanothando babengivakashela bezongizimazisa.” (Filipi 4:6, 7) Yeka ukuthi isimo sakhe sasiyoba sibi kakhulu kangakanani ukube sonke lesi sikhathi wayeqhatha usizi ngaphandle kosizo lomthandazo nenduduzo yabafowabo abangokomoya abanothando! Ubuhlobo bethu obuseduze noJehova neNdodana yakhe kanye nobudlelwane obuseduze nebandla lobuKristu kuyisibusiso esiyinqayizivele. Kuyigugu kakhulu ukuba sikuthathe kalula.

¹⁶ **Ithemba lokuphinde sibone abathandekayo bethu abafileyo.** (Johane 5:28, 29) Insizwa okuthiwa uMatthias yakhuliswa njengomunye woFakazi BakaJehova. Nokho, ingaqapheli ukuthi yayibusiseke kangakanani ngalokhu, yakhukhuleka yaphuma ebandleni lobuKristu isencane. Manje iyabhala: “Mina nobaba sasingazixoxi ngempela izindaba ezijulile. Sasiba nezimpikiswano eziningi. Noma kunjalo, ubaba wayehlale engifunela izinto ezinhle ekuphileni. Wayengithanda kakhulu, into engangingayiboni ngaleso sikhathi. Ngo-1996, lapho ngihlezi eduze kombhede wakhe, ngimbambe isandla ngikhihla isililo, ngaxolisa kakhulu ngakho konke engangikwenzile, ngamtshela nokuthi angive ngimthanda. Kodwa wayengasakwazi ukungizwa. Ngemva kokugula isikhashana, washona. Uma ngiyophila ngimbone esevusiwe ubaba, siyosikhokha lesi sikweletu. Ngियाqiniseka ukuthi uyojabula uma ezwa ukuthi sengingumdala nokuthi mina nomkamsinelungelo lokukhonza njengamaphayona.” Yeka isibusiso ithemba lovuko eliyiso kithi!

OCTOBER 17-23

AMAGUGU ASEZWINI LIKANKULUNKULU | IZAGA 12-16

“Ukuhlakanipha Kungcono Kunegolide”

(IzAga 16:16, 17) O yeka ukuthi kungcono kangakanani ukuthola ukuhlakanipha kunegolide! Nokuthola ukuqonda kufanele kukhethwe kunesiliva. ¹⁷ Umendo wabaqotho ungukufulathela okubi. Olonda indlela yakhe ugcina umphefumulo wakhe.

w07 7/15 8

“Ukuhlakanipha Kuyisivikelo”

IZAGA 16:16 zithi: “O yeka ukuthi kungcono kangakanani ukuthola ukuhlakanipha kunegolide! Nokuthola ukuqonda kufanele kukhethwe kunesiliva.” Kungani ukuhlakanipha kubaluleke kangaka? Ngoba “ukuhlakanipha kuyisivikelo njengoba nje nemali iyisivikelo; kodwa inzuzo yolwazi iwukuthi ukuhlakanipha kona kuyabalonda abaninikho.” (Um-Shumayeli 7:12) Nokho, ukuhlakanipha kubalonda kanjani abaninikho?

Ukuba nokuhlakanipha kukaNkulunkulu, okungukuthi, ukuzuza ulwazi olunembile lweZwili kaNkulunkulu, iBhayibheli, nokwenza ngokuvumelana nalo, kususiza ukuba sihambe endleleni evunyelwa uJehova. (IzAga 2:10-12) Inkosi yakwa-Israyeli wasendulo uSolomoni ithi: “Umendo wabaqotho ungukufulathela okubi. Olonda indlela yakhe ugcina umphefumulo wakhe.” (IzAga 16:17) Yebo, ukuhlakanipha kukhulula abaninikho ezindleleni ezimbi futhi kubalonde! Amazwi afushanisiwe nahlaniphile asencwadini yezAga 16:16-33 abonisa ukuthi ukuhlakanipha okuvela kuNkulunkulu kungaba ithonya elihle esimweni sethu sengqondo, kwesikushoyo nasezenzweni zethu.

‘Yiba Nomoya Othobekile’

Ukuhlakanipha okwenziwe samuntu kuvezwa kuthi: “Ukuziphakamisa nokuziqhenya . . . ngiyakuzonda.” (IzAga 8:13) Ukuziqhenya nokuhlakanipha kuyimpumalanga nentshonalanga. Kufanele senze ngokuhlakanipha futhi siqaphe ukuze singabi nesimo sengqondo sokuqhosha noma sokuzidla. Kufanele siqaphe ikakhulu uma siye saba nempumelelo ezintweni ezithile ekuphileni noma siphathiswe umthwalo wemfanelo ebandleni lobuKristu.

IzAga 16:18 ziyaxwayisa: “Ukuziqhenya kwandulela ukuphahlazeka, nomoya ozidlayo wandulela ukukhubeka.” Cabanga ngokuphahlazeka okukhulu kunakho konke endaweni yonke—ukuwa kwe-ndodana kaNkulunkulu yomoya ephelele eyazenza uSathane uDeveli. (Genesis 3:1-5; IsAmbulo 12:9) Ingabe ayizange ibonise umoya wokuzidla ngaphambi kokuba iphahlazeke? IBhayibheli likhuluma ngalokho lapho lithi umuntu osanda kuguquka akufanele abekwe esikhundleni sokuba umbonisi ebandleni lobuKristu “funa akhukhumale awele esahlulelweni esikhishelwe uDeveli.” (1 Thimothewu 3: 1, 2, 6) Yeka ukuthi kubaluleke kangakanani ukuqapha ukuba singakhuthazi abanye ukuba baziqhenye nokuba singakuvumeli ukuba kuqale kithi!

(IzAga 16:18, 19) Ukuziqhenya kwandulela ukuphahlazeka, nomoya ozidlayo wandulela uku-

khubeka. ¹⁹ Kungcono ukuba nomoya othobekile kanye nabamnene kunokuhlakanisa impango kanye nabaziphakamisile.

w07 7/15 8-9

“Ukuhlakanipha Kuyisivikelo”

IZAGA 16:16 zithi: “O yeka ukuthi kungcono kangakanani ukuthola ukuhlakanipha kunegolide! Nokuthola ukuqonda kufanele kukhethwe kunesiliva.” Kungani ukuhlakanipha kubaluleke kangaka? Ngoba “ukuhlakanipha kuyisivikelo njengoba nje nemali iyisivikelo; kodwa inzuzo yolwazi iwukuthi ukuhlakanipha kona kuyabalonda abaninikho.” (Um-Shumayeli 7:12) Nokho, ukuhlakanipha kubalonda kanjani abaninikho?

Ukuba nokuhlakanipha kukaNkulunkulu, okungukuthi, ukuzuza ulwazi olunembile lweZwili kaNkulunkulu, iBhayibheli, nokwenza ngokuvumelana nalo, kususiza ukuba sihambe endleleni evunyelwa uJehova. (IzAga 2:10-12) Inkosi yakwa-Israyeli wasendulo uSolomoni ithi: “Umendo wabaqotho ungukufulathela okubi. Olonda indlela yakhe ugcina umphefumulo wakhe.” (IzAga 16:17) Yebo, ukuhlakanipha kukhulula abaninikho ezindleleni ezimbi futhi kubalonde! Amazwi afushanisiwe nahlaniphile asencwadini yezAga 16:16-33 abonisa ukuthi ukuhlakanipha okuvela kuNkulunkulu kungaba ithonya elihle esimweni sethu sengqondo, kwesikushoyo nasezenzweni zethu.

‘Yiba Nomoya Othobekile’

Ukuhlakanipha okwenziwe samuntu kuvezwa kuthi: “Ukuziphakamisa nokuziqhenya . . . ngiyakuzonda.” (IzAga 8:13) Ukuziqhenya nokuhlakanipha kuyimpumalanga nentshonalanga. Kufanele senze ngokuhlakanipha futhi siqaphe ukuze singabi nesimo sengqondo sokuqhosha noma sokuzidla. Kufanele siqaphe ikakhulu uma siye saba nempumelelo ezintweni ezithile ekuphileni noma siphathiswe umthwalo wemfanelo ebandleni lobuKristu.

IzAga 16:18 ziyaxwayisa: “Ukuziqhenya kwandulela ukuphahlazeka, nomoya ozidlayo wandulela ukukhubeka.” Cabanga ngokuphahlazeka okukhulu kunakho konke endaweni yonke—ukuwa kwe-ndodana kaNkulunkulu yomoya ephelele eyazenza uSathane uDeveli. (Genesis 3:1-5; IsAmbulo 12:9) Ingabe ayizange ibonise umoya wokuzidla ngaphambi kokuba iphahlazeke? IBhayibheli likhuluma ngalokho lapho lithi umuntu osanda kuguquka akufanele abekwe esikhundleni sokuba umbonisi ebandleni lobuKristu “funa akhukhumale awele esahlulelweni esikhishelwe uDeveli.” (1 Thimothewu 3:1, 2, 6) Yeka ukuthi kubaluleke kangakanani

ukuqapha ukuba singakhuthazi abanye ukuba baziqhenye nokuba singakuvumeli ukuba kuqale kithi!

IzAga 16:19 zithi: “Kungcono ukuba nomoya othobekile kanye nabamnene kunokuhlukanisa impango kanye nabaziphakamisile.” Ukuba usizo kwalesi siyalo kubonakala endabeni yenkosi yaseBhabhiloni lasendulo, uNebukhadinezari. Ngokuqhosha yamisa isithombe esikhulu—mhlawumbe esimelele yona uqobo—ethafeni laseDura. Kungenzeka ukuthi lesi sithombe sasibekwe esisekelweni esiphakeme saphakama ngamamitha angu-27. (Daniyeli 3:1) Lesi sithombe esikhulu esiyisikhumbuzo sasihlo-selwe ukuba uphawu oluhlaba umxhwele lombuso kaNebukhadinezari. Nakuba izinto eziphakeme—njengaleso sithombe, kanye namatshe amade abaziwe, imibhoshongo namabhilidi—zingase zibahlabe umxhwele abantu, akunjalo ngoNkulunkulu. Umhubi wahlabelela: “UJehova uphakeme, nokho uyambona othobekile; kodwa ophakeme amazela kude kuphela.” (IHubo 138:6) Empeleni, “okuphakeme kubantu kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu.” (Luka 16:15) Kungcono ukuba ‘silandele izinto eziphansi’ kunokuba ‘sinake izinto eziphakeme.’—Roma 12:16.

Khuluma ‘Ngokuqondisisa Nangokuthonya’

Ukuba nokuhlakanipha kuyithinta kanjani inkulumo yethu? Inkosi ehlananiphile iyasitshela: *“Obonisa ukuqondisisa endabeni uyothola okuhle, futhi uyajabula othembela kuJehova. Ohlakaniphile enhliziyweni uyothiwa uyaqonda, nomnandi ezindebeni zakhe wenezela ukuthonya. Ukuqondisisa kungumthombo wokuphila kubanikazi bako; nokuyala abayiziwula kungubuwula. Inhliziyo yomuntu ohlakaniphile ibangela ukuba umlomo wakhe ubonise ukuqondisisa, futhi yenezela ukuthonya ezindebeni zakhe.”*—IzAga 16:20-23.

Ukuhlakanipha kulisiza ukuba sikhulume ngokuqondisisa nangokuthonya. Ngani? Ngoba umuntu onenhliziyu ehlananiphile uzama ‘ukuthola okuhle’ endabeni futhi ‘uthembela kuJehova.’ Lapho sizama ukuthola okuhle kwabanye, aba maningi amathuba okuba sikhulume kahle ngabo. Kunokuba nokhahlo noma sithande impikiswano, amazwi ethu amnandi futhi ayathonya. Ukuziqondisisa izimo zabanye kulisiza ukuba siqonde ubukhulu bobunzima okungenzeka babhekene nabo nendlela ababhekana nabo ngayo.

Inkulumo ethonywe ukuhlakanipha ibalulekile nasebenzini wokushumayela ngoMbuso nokwenza abafundi. Lapho sifundisa abanye iZwi likaNkulunkulu, umgomo wethu awukhona nje ukudlulisela ukwaziswa okusemiBhalweni. Umgomo wethu ukufinyelela izinhliziyu zabantu. Lokhu kusho ukuthi kufanele sinezele ukuthonya ezindebeni zethu.

Umphostoli uPawulu wanxusa umngane wakhe uThimothewu ukuba aqhubeke ezintweni ‘athonyelwa ukuba azikholelwe.’—2 Thimothewu 3:14, 15.

(IzAga 16:20-24) Obonisa ukuqondisisa endabeni uyothola okuhle, futhi uyajabula othembela kuJehova. ²¹ Ohlakaniphile enhliziyweni uyothiwa uyaqonda, nomnandi ezindebeni zakhe wenezela ukuthonya. ²² Ukuqondisisa kungumthombo wokuphila kubanikazi bako; nokuyala abayiziwula kungubuwula. ²³ Inhliziyo yomuntu ohlakaniphile ibangela ukuba umlomo wakhe ubonise ukuqondisisa, futhi yenezela ukuthonya ezindebeni zakhe. ²⁴ Amazwi amnandi ayikhekheba lezinyosi, amnandi emphefumulweni futhi angukuphulukiswa emathanjeni.

w07 7/15 9-10

“Ukuhlakanipha Kuyisivikelo”

IzAga 16:19 zithi: “Kungcono ukuba nomoya othobekile kanye nabamnene kunokuhlukanisa impango kanye nabaziphakamisile.” Ukuba usizo kwalesi siyalo kubonakala endabeni yenkosi yaseBhabhiloni lasendulo, uNebukhadinezari. Ngokuqhosha yamisa isithombe esikhulu—mhlawumbe esimelele yona uqobo—ethafeni laseDura. Kungenzeka ukuthi lesi sithombe sasibekwe esisekelweni esiphakeme saphakama ngamamitha angu-27. (Daniyeli 3:1) Lesi sithombe esikhulu esiyisikhumbuzo sasihlo-selwe ukuba uphawu oluhlaba umxhwele lombuso kaNebukhadinezari. Nakuba izinto eziphakeme—njengaleso sithombe, kanye namatshe amade abaziwe, imibhoshongo namabhilidi—zingase zibahlabe umxhwele abantu, akunjalo ngoNkulunkulu. Umhubi wahlabelela: “UJehova uphakeme, nokho uyambona othobekile; kodwa ophakeme amazela kude kuphela.” (IHubo 138:6) Empeleni, “okuphakeme kubantu kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu.” (Luka 16:15) Kungcono ukuba ‘silandele izinto eziphansi’ kunokuba ‘sinake izinto eziphakeme.’—Roma 12:16.

Khuluma ‘Ngokuqondisisa Nangokuthonya’

Ukuba nokuhlakanipha kuyithinta kanjani inkulumo yethu? Inkosi ehlananiphile iyasitshela: *“Obonisa ukuqondisisa endabeni uyothola okuhle, futhi uyajabula othembela kuJehova. Ohlakaniphile enhliziyweni uyothiwa uyaqonda, nomnandi ezindebeni zakhe wenezela ukuthonya. Ukuqondisisa kungumthombo wokuphila kubanikazi bako; nokuyala abayiziwula kungubuwula. Inhliziyo yomuntu ohlakaniphile ibangela ukuba umlomo wakhe ubonise ukuqondisisa, futhi yenezela ukuthonya ezindebeni zakhe.”*—IzAga 16:20-23.

Ukuhlakanipha kulisiza ukuba sikhulume ngokuqondisisa nangokuthonya. Ngani? Ngoba umuntu

onenhliziyo ehlakaniphile uzama 'ukuthola okuhle' endabeni futhi 'uthembela kuJehova.' Lapho sizama ukuthola okuhle kwabanye, aba maningi amathuba okuba sikhulume kahle ngabo. Kunokuba nokhahlo noma sithande impikiswano, amazwi ethu amnandi futhi ayathonya. Ukuziqondisisa izimo zabanye kususisa ukuba siqonde ubukhulu bobunzima okungenzeka babhekene nabo nendlela ababhekana nabo ngayo.

Inkulumo ethonywe ukuhlakanipha ibalulekile nasemsebenzini wokushumayela ngoMbuso nokwenza abafundi. Lapho sifundisa abanye iZwi likaNkulunkulu, umgomo wethu awukhona nje ukudlulisela ukwaziswa okusemiBhalweni. Umgomo wethu ukufinyelela izinhliziyi zabantu. Lokhu kusho ukuthi kufanele sinezele ukuthonya ezindebeni zethu. Umphostoli uPawulu wanxusa umngane wakhe uThimothewu ukuba aqhubeke ezintweni 'athonyelwa ukuba azikholelwe.'—2 Thimothewu 3:14, 15.

I-Expository Dictionary of New Testament Words, kaW. E. Vine ithi igama lesiGriki elithi "thonya" lisho "ukuguqula ingqondo ngokusebenzisa indlela yokubonisana noma ukucabangela imithetho yokuziphatha." Ukuze sibe namaphuzu ayokwenza isilaleli sethu sishintshe ingqondo kudingeka siqondisise esikucabangayo, esikuthandayo, izimo nesizinda saso. Singakuthola kanjani lokho kuqondisisa? Umfundi uJakobe uyaphendula: 'Shesha ukuzwa, wephuze ukukhuluma.' (Jakobe 1:19) Ngokubuzisa isilaleli imibuzo nangokukulalela ngokucophelela esikushoyo, singakwazi ukuthola lokho esiyikho nge mpela.

Umphostoli uPawulu wayenekhono elivelele lokuthonya abanye. (IzEnzo 18:4) Ngisho nomunye wabaphikisi bakhe, uDemetriyu, umkhandi wesiliva, wavuma: "Lo Pawulu [usithonyile] isixuku esikhulu wasiphendulela komunye umbono, . . . kungekhona e-Efesu nje kuphela kodwa cishe kuso sonke isifunda sase-Asiya." (IzEnzo 19:26) Ingabe uPawulu wathi wayephumelela ngenxa yekhono lakhe emsebenzini wokushumayela? Lutho neze. Wabheka ukushumayela kwakhe 'njengokuboniswa komoya namandla kaNkulunkulu.' (1 Korinte 2:4, 5) Nathi sinosizo lomoya ongcwele kaJehova. Ngenxa yokuthi siyamethemba uJehova, siyaqiniseka ukuthi uzosiza njengoba sizama ukukhuluma ngokuqondisisa nangokuthonya enkonzweni yethu.

Yingakho "ohlakaniphile enhliziyweni" ebizwa ngokuthi "ukhaliphile" noma "unokuqonda"! (IzAga 16:21, *An American Translation; New International Version*) Yebo, ukuqondisisa "kungumthombo wokuphila" kulabo abanakho. Kodwa kuthiwani ngezizwula? 'Ziyakwedelela ukuhlakanipha nesiyalo.'

(IzAga 1:7) Yimiphi imiphumela eziyitholayo ngokwenqaba isiyalo sikaJehova? Njengoba kuphawulwe ngenhla, uSolomoni uthi: 'Ukuyala abayiziwula kungubuwula.' (IzAga 16:22) Zithola isiyalo esiqhubekayo, ngokuvamile ngokujeziswa kabuhlungu. Izizwula zingase zizilethele nobunzima, ihlazo, izifo ngisho nokusheshe zife.

Iqhubeka ibonisa izinzuzo zokuhlakanipha enkulumweni yethu, inkosi yakwa-Israyeli ithi: "*Amazwi amnandi ayikhekheba lezinyosi, amnandi emphefumulweni futhi angukuphulukiswa emathanjeni.*" (IzAga 16:24) Njengoba uju lumnandi futhi lumqabula ngokushesha umuntu olambile, amazwi amnandi ayakhuthaza futhi ayaqabula. Uju lwakha nomzimba, luyelapha futhi lunempilo. Anjalo namazwi amnandi; ayaphilisa ngokomoya.—IzAga 24:13, 14.

Qaphela 'Indlela Ebonakala Iqondile'

USolomoni uthi: "*Kukhona indlela eqondile phambi komuntu, kodwa ukuphela kwayo kamuva kuyizindlela zokufa.*" (IzAga 16:25) Lesi isixwayiso sokumelana nokucabanga okungalungile nokuphishekela inkambo engqubuzana nomthetho kaNkulunkulu. Indlela ethile ingase ibonakale ilungile ngokombono ongokwenyama, kodwa empeleni ingase ingqubuzane nezimiso zokulunga eziseZwini likaNkulunkulu. Ngaphezu kwalokho, uSathane angase akhuthaze lokho kukhohlisa ukuze umuntu ashukumiseleke ukulandela inkambo akholelwa ukuthi ilungile, kuyilapho imholela ekufeni.

Ukumba Sifuna Ingcebo Engokomoya

(IzAga 15:15) Zonke izinsuku zohluphekile zimbi; kodwa onenhliziyi enhle unedili njalo.

g 11/13 16

Ingabe Uhlale "Unedili Njalo"?

"Zonke izinsuku zohluphekile zimbi; kodwa onenhliziyi enhle unedili njalo."—IzAga 15:15."

ASHO ukuthini lawo magama? Abhekisela esimweni somuntu sengqondo nesingokomzwelo. Umuntu "ohluphekile," uhlale enombono ongemuhle—isimo sengqondo esenza izinsuku zakhe zibe "zimbi," noma angabi nathemba. Ngakolunye uhlangothi, umuntu "onenhliziyo enhle" uzama ukugxila ezintweni ezakhayo—isimo sengqondo esimenza ajabule ngaphakathi, abe "nedili njalo."

Sonke sinazo izinkinga ezingasincisha injabulo ngezinkinga elithile. Noma kunjalo, singakwazi ukwenza izinto ezingasisiza silondolozwe injabulo yethu phakathi nezikhathi ezinzima. Cabangela lokho okushiwo yiBhayibheli.

• Ungavumeli ukukhathazeka ngekusasa kukucindezele namuhla. UJesu Kristu wathi: "Ningakhathazeki

ngekusasa; lizoba nezinkathazo ezanele lona. Asikho isidingo sokunezela ezinkingeni eziza nosuku ngalunye.”—Mathewu 6:34, Good News Translation.

- Zama ukugxila ezintweni ezinhle eziye zenzeka kuwe. Eqinisweni, uma uzizwa udangele, kungani ungabhali uhlu lwalezo zinto ezinhle bese uzindla ngazo? Kanti okunye, gwema ukugxila emaphutheni noma ezenzweni ezimbi zesikhathi esidlule. Funda kulezo zinto, uqhubekele phambili. Yenza njengomshayeli, othi nje *nhl*a esibukweni esimenza abone into engemuva kodwa *angagxili* kuso. Khumbula futhi ukuthi, “[uNkulunkulu] unentethelelo yeqiniso.”—IHubo 130:4.

- Uma izinkathazo zikwenza udangale, khuluma nothile ongase akwenze uqabuleke. IzAga 12:25 zithi, ‘Ukukhathazeka kwenza inhliziyo yethu ibhocobale, kodwa *izwi elihle* liyenza ijabule.’ Lelo “zwi elihle” lingase livele elungwini lomkhaya noma kumngane othembekile—umuntu ongabhuqi noma ongenawo umbono ophambene, kodwa ‘onothando ngaso sonke isikhathi.’—IzAga 17:17.

Amazwi ahlakaniphile esiwathola eBhayibhelini asize abantu abaningi ukuba bathole injabulo eyengeziwe ekuphileni, ngisho nalapho bebhokene nezikhathi zokulingwa. Sengathi la mazwi ayigugu angakusiza nawe.

(IzAga 16:4) Zonke izinto uJehova uzenzele injongo yakhe, yebo, ngisho nomubi usuku olubi.

w07 5/15 18-19

“Amacebo Akho Ayokuma Aqine”

Ukuzithanda kungasenza sithethelele iziphambeko zethu, sifihle izici ezimbi ebuntwini bethu futhi sishalazele ububi bethu. Nokho, uJehova akana-kukhohliswa. Ulinganisa imimoya. Umoya womuntu uwukuthambekela okuvelele kwengqondo yakhe futhi uhlobene nenhliziyo. Ngokwengxenywe enkulu, ukukhula kwawo kuxhomeke kulokho okwenzeka enhliziyweni engokomfanekiso, okuhlanganisa izinto ezinjengemicabango, imizwelo nezisusa zethu. Umoya yiwona olinganiswa “umhloli wezinhliziyo,” futhi izahlulelo zakhe azenzeleli noma zikhethe. Siyobe sihlakaniphile uma siqapha umoya wethu.

“Gingqela Imisebenzi Yakho KuJehova”

Ukwenza amacebo kuhilela inqubo yokucabanga—umisebenzi owenziwa yinhliziyu yethu. Ngokuvamile izenzo zilandela amacebo. Ingabe siyophumelela kwesikwenzayo? USolomoni uthi: *“Gingqela imisebenzi yakho kuJehova khona-ke amacebo akho ayokuma aqine.”* (IzAga 16:3) Ukusingqela imisebenzi yethu kuJehova kusho ukuthembela kuye, ukuncika kuye, ukuzibophezela kuye—njengokungathi sisusa umthwalo emahlombe ethu siwugingqele

kwawakhe. Umhubi wahlabelela: “Gingqela indlela yakho kuJehova, wethembele kuye, yena uyothatha isinyathelo.”—IHubo 37:5.

Nokho, ukuze amacebo ethu ame aqine, kumelwe avumelane neZwi likaNkulunkulu, futhi kumelwe ashukunyiswe izisusa ezinhle. Ngaphezu kwalokho, kufanele sithandazele ukuba uJehova asisize futhi asisekele bese sizikhandla senze okusemandleni ethu ukuba silandele iseluleko seBhayibheli. Kubalulekile ukuba ‘siphonse umthwalo wethu phezu kukaJehova,’ ikakhulu lapho sibhekene nokulingwa noma ubunzima, ngoba ‘uyosisekela.’ Ngempela “akasoze avumele olungileyo antengantenge.”—IHubo 55:22.

“Zonke Izinto UJehova Uzenzele Injongo Yakhe”

Yini enye eyoba umphumela wokusingqela kwethu imisebenzi yethu kuJehova? Inkosi ehlananiphile ithi: *“Zonke izinto uJehova uzenzele injongo yakhe.”* (IzAga 16:4a) UMDali wendawo yonke unguNkulunkulu wenjongo. Lapho sisingqela imisebenzi yethu kuye, ukuphila kwethu kugcwaliswa imisebenzi enenjongo negculisayo, akubi yize. Futhi injongo kaJehova ngomhlaba nangomuntu okuwo ingeyaphakade. (Efesu 3:11) Wabumba umhlaba ewudalela ‘ukuba uhlalwe.’ (Isaya 45:18) Ngaphezu kwalokho, injongo yakhe yokuqala ngesintu emhlabeni iyogcwaliseka nakanjani. (Genesis 1:28) Siyophila ukuphila okungapheli okunikelwe kuNkulunkulu weqiniso futhi okunenjongo phakade.

UJehova uye wenzela *“ngisho nomubi usuku olubi.”* (IzAga 16:4b) Akazange adale abantu ababi, ngoba “uphelele umisebenzi wakhe.” (Duteronomi 32:4) Nokho, uye wabavumela ukuba babe khona futhi baqhubeke bephila kuze kube yilapho esekubona kufanele ukuba akhiphe isahlulelo sakhe sokubalahla. Ngokwesibonelo, uJehova wathi kuFaro waseGibhithe: “Ngikugciné ngalesi sizathu, ukuze ngikubonise amandla ami futhi ngenze ukuba igama lami limenyazelwe emhlabeni wonke.” (Eksodusi 9:16) Ngempela, iziNhlupho Eziyishumi nokubhujiswa kuFaro namabutho akhe oLwandle Olubomvu kwaba izibonakaliso zamandla kaNkulunkulu angenakuqhataniswa eziyohlale zikhunjulwa.

UJehova angenza futhi ukuba izinto zenzeke ngeindlela yokuthi ababi bafeze injongo yakhe bengazi. Umhubi wathi: “Ukufutheka komuntu kuyokudumisa; [wena Jehova] uyobhinca ukufutheka okusele.” (IHubo 76:10) UJehova angase avumele izitha zakhe ukuba zibonakalise ukufutheka kwazo ezincekwini zakhe—kodwa kuphela ngezininga elidingekayo ukuze ayale abantu bakhe ngaleyo ndlela ebaqeqesha. Okungaphezu kwalokho, uNkulunkulu ukulungisa ngokwakhe.

Nakuba uJehova ezisekela izinceku zakhe ezithobekile, kuthiwani ngabantu abaziqhenyayo nabazazisayo? Inkosi yakwa-Israyeli ithi: *“Wonke umuntu oziqhenyayo enhliziyweni uyinto enengekayo kuJehova. Isandla singahlangana nesandla, nokho umuntu ngeke ayekwe angajeziswa.”* (IzAga 16:5) ‘Abaziqhenyayo enhliziyweni’ bangase bahlangane ukuze balekelelane, kodwa ngeke baphunyuke esijezisweni. Ngakho-ke, siyobe sihlakaniphile uma sihlakulela umoya wokuthobeka kungakhathaliseki ukuthi lungakanani ulwazi esinalo noma ukuthi sinamakhono angakanani noma ukuthi imaphi amalungelo enkonzo esinawo.

“Ngokwesaba UJehova”

Njengoba sizalelwe esonweni, sithambekele ekwenzeni iziphambeko. (Roma 3:23; 5:12) Yini eyosisiza ukuba sigweme ukwenza amacebo ayosiholela enkambweni embi? IzAga 16:6 zithi: *“Isiphambeko sihlawulelwa ngomusa wothando nangeqiniso, futhi ngokwesaba uJehova umuntu uyakufulathela okubi.”* Ngomusa wakhe wothando nangeqiniso lakhe uJehova uhlawulela izono zethu, kodwa ngukwesaba uJehova okusivimbela ukuba senze izono. Yeka ukuthi kubaluleke kanjani ukuba ukuthanda kwethu uNkulunkulu nokwazisa kwethu umusa wakhe wothando kuhambisane nokuhlakulela ukwesaba ukumdumaza!

Ukwesaba uNkulunkulu kungena ezinhliziyweni zethu lapho sihlakulela inhlonipho ngamandla kaNkulunkulu esabekayo. Cabanga nje ngamandla akhe abonakala endalweni! Ukukhunjuzwa ngokubonakaliswa kwamandla kaNkulunkulu emisebenzini yakhe yendalo kwasiza inzalamizi uJobe ukuba ilungise ukucabanga kwayo. (Jobe 42:1-6) Asithinteki yini ngokufanayo lapho sifunda futhi sizindla ngezindaba ezilotshwe eBhayibhelini zokusebenzelana kukaJehova nabantu bakhe? Umhubi wahlabelela: *“Wozani, nibone imisebenzi kaNkulunkulu. Ukusebenzelana kwakhe nabantwana babantu kuyesabeka.”* (IHubo 66:5) Umusa wothando kaJehova akumelwe uthathwe kalula. Lapho ama-Israyeli ‘edlubulunda futhi enza umoya kaNkulunkulu ongwele uphatheke kabuhlungu, uJehova washintsha waba yisitha sawo; yena ngokwakhe walwa nawo.’ (Isaya 63:10) Ngakolunye uhlangothi, *“lapho uJehova ejabula ngezindlela zomuntu wenza ngisho nezitha zakhe zibe nokuthula naye.”* (IzAga 16:7) Yeka ukuthi ukwesaba uJehova kuyisivikelo kanjani!

Inkosi ehlaniphi ithi: *“Kungcono okuncane okuhambisana nokulunga kunensada yemikhiqizo bungekho ubulungisa.”* (IzAga 16:8) IzAga 15:16 zithi: *“Kungcono okuncane okuhambisana nokwesaba uJehova kunensada ehambisana nesiphithiphithi.”*

Ukwesaba uNkulunkulu okunenhlonipho ngokuqinisekile kudingekile ukuze siqhubeke sisendleleni yokulunga.

“Inhliziyo Yomuntu Wasemhlabeni Ingase Icabange Indlela Yakhe”

Umuntu wadalwa enenkululeko yokuzikhethela, ekwazi ukukhetha phakathi kokulungile nokungalungile. (Duteronomi 30:19, 20) Inhliziyo yethu engokomfanekiso iyakwazi ukuzicabangisisa kahle izinto okumelwe sikhethe kuzo bese igxila kweyodwa noma kwezengeziwe. Ebonisa ukuthi kuwumthwalo wethu ukwenza ukukhetha, uSolomoni uthi: *“Inhliziyo yomuntu wasemhlabeni ingase icabange indlela yakhe.”* Lapho esekwenzile lokhu, *“nguJehova oqondisa izinyathelo zakhe.”* (IzAga 16:9) Njengoba uJehova ekwazi ukuqondisa izinyathelo zethu, senza ngokuhlakanipha uma sifuna usizo lwakhe ‘ekwenzeni amacebo ethu ame aqine.’

OCTOBER 24-30

AMAGUGU ASEZWINI LIKANKULUNKULU | IZAGA 17-21

“Phishekela Ukuthula Nabanye”

(IzAga 19:11) Ukuqondisa komuntu ngokuqinisekile kubambezele intukuthelo yakhe, futhi kungubuhle kuye ukweqa isiphambeko.

w14 12/1 12-13

“Ukuqondisa Komuntu Ngokuqinisekile Kubambezele Intukuthelo Yakhe”

Umqeqeshi we-basketball ekolishi uyaxoshwa ngenxa yentukuthelo yakhe engalawuleki.

Ingane ivukwa iconsi ngoba izinto azenzeki ngendlela yayo.

Umama uthethisa indodana yakhe ngolaka ngenxa yokuthi ayilicocanga ikamelo layo.

SONKE sike sababona abantu bethukuthele futhi nathi siyacasuka ngezinye izikhathi. Nakuba si ngase sibheke intukuthelo njengento embi okufanele siyicindezele, sivame ukuba nomuzwa wokuthi sine-sizathu esizwakalayo sokucasuka, ikakhulukazi uma kubonakala sengathi othile usiphatha ngendlela ebonakala ingenabulungisa. Isihloko esabhalwa yi-American Psychological Association size sisikisele nokuthi *“intukuthelo iyinto engokwemvelo, evame ukuba nempilo, umuzwa ovamile kubantu.”*

Lo mbono ungase ubonakale unengqondo uma sicabanga ngalokho okwalotshwa umphostoli uPaulu ephefumulelwe uNkulunkulu. Evuma ukuthi kuyenzeka abantu bathukuthele ngezinye izikhathi, wathi: *“Thukuthelani, kodwa ningoni; ilanga*

malingashoni nisesimweni sokucasuka.” (Efesu 4: 26) Uma sicabanga ngala mazwi, ingabe kufanele siyiveze intukuthelo yethu noma kufanele senze konke esingakwenza ukuze siyilawule?

INGABE KUFANELE UTHUKUTHELE?

Ngesikhathi uPawulu enikeza lesi seluleko mayelana nentukuthelo, kungenzeka wayecabanga ngamazwi omhubi owabhala: “Thukuthelani, kodwa ningoni.” (IHubo 4:4) Nokho, yayiyini injongo yeseluleko si-kaPawulu esiphefumulelwe? Wathi: “Makususwe kuni konke ukufutheka okubi nentukuthelo nolaka nokuklabalasa nokuhlambalaza kanye nabo bonke ububi.” (Efesu 4:31)Empeleni uPawulu wayekhuthaza amaKristu ukuba agweme ukunqotshwa yintukuthelo. Ngokuthakazelisayo, i-American Psychological Association iphinde ithi: “Lapho kucwaningwa kutholakale ukuthi ukungayilawuli intukuthelo empeleni kwenyusa ulaka nobudlova futhi akukusizi ngalutho . . . ekulungiseni isimo.”

Ngakho-ke, ‘singayisusa’ kanjani intukuthelo kanye nazo zonke izici zayo ezimbi? Inkosi yakwa-Israeli yeli wasendulo ehlananiphile uSolomoni yabhala: “Ukuqondisisa komuntu ngokuqinisekile kubambezele intukuthelo yakhe, futhi kungubuhle kuye ukweqa isiphambeko.” (IzAga 19:11) “Ukuqondisisa komuntu” kumsiza kanjani lapho ethukuthela?

INDLELA UKUQONDA OKWEHLISA NGAYO INTUKUTHELO

Ukuqonda kuyikhono lokusibona kahle isimo. Ukuba nokuqonda kusho ukubona ngale kwalokho okusobala. Kuisiza kanjani lokho lapho siphathwa kabi noma sicasulwa?

Lapho sibona ukungabi nabulungisa, singase sithukuthele. Nokho, uma sithatha ngamawala senze ngendlela enobudlova, singase sizilimaze noma silimaze abanye. Njengoba umlilo ongalawuleki ungashisa yonke indlu ingqongqe, umlilo wentukuthelo ungalimaza idumela lethu nobuhlobo bethu nabanye ngisho nobuhlobo bethu noNkulunkulu. Ngakho lapho sizwa intukuthelo ivutha ngaphakathi, kuhle sisihlole kahle isimo. Ukuba nesithombe esigcwele salokho okwenzekayo ngokuqinisekile kuyosisiza silawule imizwa yethu.

INKosi uDavide, uyise kaSolomoni, yacishe yabulala indoda okuthiwa uNabali, kodwa yathola usizo olwayenza yasiqonda kahle isimo, kanjalo yagwemacala legazi. UDavide namadoda ayekanye naye bavikela umhlambi kaNabali ehlane laseJudiya. Lapho kufika isikhathi sokugunda izimvu, uDavide wacela ukudla kuNabali. UNabali wathi: “Ingabe kumelwe ngithathe isinkwa sami namanzi ami nenyama yami engiyihlebele abagundi bami ngikunike abantu engingazi nakwazi ukuthi bavelaphi?” Yeka indele-

lo! Lapho uDavide ezwa lokho, wathatha amadoda angaba ngu-400, waya kuNabali ukuze abulale yena nabo bonke abendlu yakhe.—1 Samuweli 25:4-13.

UmkaNabali, u-Abhigayili, wezwa ngaleyo ndaba wahamba waya kuDavide. Lapho ehlangana noDavide namadoda ayekanye naye, wawela ezinyaweni zakhe wathi: “Ngicela uvumele incekekazi yakho ikhulume ezindlebeni zakho, ulalele amazwi encekukazi yakho.” Ngemva kwalokho wachazela uDavide indlela uNabali ayisiphukuphuku ngayo futhi wachaza ukuthi uDavide uyozisola ngokuziphindiselela nangokuchitha igazi.—1 Samuweli 25:24-31.

Yikuphi ukuqonda uDavide akuthola emazwini ka-Abhigayili okwamsiza wehlisa umoya kulesi simo esishubile? Okokuqala, wabona ukuthi uNabali uyindoda engenangqondo, okwesibili, uDavide wabona ukuthi wayengaba necala legazi uma eziphindiselela. NjengoDavide, ungase ucasulwe okuthile. Kufanele wenzeni? Isihloko seMayo Clinic sisikisela lokhu ngokulawula intukuthelo, “thatha imizuzu embalwa uphefumulele phezulu bese ubala ufike ku-10.” Yima kancane ucabange ukuthi inkinga ibangelwa yini nokuthi iyoba yini imiphumela yezenzo zakho. Vumela ukuqonda kwehlise intukuthelo yakho—kuze kuyiqede.—1 Samuweli 25:32-35.

Ngendlela efanayo, abaningi namuhla baye bathola usizo ukuze balawule intukuthelo yabo. USebastian wachaza indlela isifundo seBhayibheli esamsiza ngayo ukuba afunde ukulawula intukuthelo yakhe nemizwa enamandla, ngesikhathi eyisiboshwa eneminyaka engu-23 ubudala ejele lasePoland. Wathi, “Ngigale ngicabange ngenkinga. Ngemva kwalokho ngizama ukusebenzisa iseluleko seBhayibheli. Ngiye ngathola ukuthi iBhayibheli liyincwadi eneziqondiso ezingcono kakhulu.”

USetsuo usebenzisa indlela efanayo. Wathi: “Ngangivame ukumemeza ngithethise abanye uma bengicasula emsebenzini. Ngenxa yokuthi sengiye ngafunda iBhayibheli, esikhundleni sokuthetha ngigale ngizibuze: ‘Ubani onephutha kule ndaba? Akumina yini obangela inkinga?’” Ukucabanga ngale mibuzo kwakuyehlisa intukuthelo yakhe, futhi wayekwazi ukulawula imizwa yakhe enamandla.

Intukuthelo ingase ibe namandla, kodwa iseluleko esiseZwini likaNkulunkulu naso sinamandla. Ngokusebenzisa iseluleko seBhayibheli esihlananiphile nangokucela usizo lukaNkulunkulu ngomthandazo, nawe ungakwazi ukuba nokuqonda okuyokusiza wehlise noma ulawule intukuthelo yakho.

(IzAga 18:13) Lapho umuntu ephendula indaba ngaphambi kokuba ayizwe, lokho kungubuwula kuye nokululazeka.

(IzAga 18:17) Ongowokuqala ecaleni lakhe lasemthethweni ulungile; umuntu wakubo uyangena ngokuqinisekile amphenyisise.

(IzAga 21:13) Noma ngubani ovala indlebe yakhe ukuze angakuzwa ukukhalaza komuntu ophansi, naye ngokwakhe uyobiza angaphendulwa.

w11 8/15 30 ¶11-14
Phishekela Ukuthula

Lapho Ucelwa Ukuba Usize

¹¹ Kuthiwani uma umKristu efuna ukukhuluma nomdala ngenkinga anayo nesihlobo noma nomunye umKristu? IzAga 21:13 zithi: “Noma ngubani ovala indlebe yakhe ukuze angakuzwa ukukhalaza komuntu ophansi, naye ngokwakhe uyobiza angaphendulwa.” Ngokuqinisekile, umdala ngeke ‘avale indlebe yakhe.’ Nokho, esinye isaga siyaxwayisa: “Ongowokuqala ukweneka udaba lwakhe ecaleni ubonakala elungile kuze kube yilapho ophikisana naye eqala ukumphenya.” (IzAga 18:17, *New English Translation*) Umdala kufanele alalele ngomusa kodwa kudingeka aqikelele ukuba angathathi uhlangothi lwalowo obika ukoniwa. Ngemva kokulalela indaba, angase abuze owoniwe ukuthi usekhulumile yini nalowo omonile. Umdala angase futhi abukeze izinyathelo ezingokomBhalo lowo owoniwe angase azithathe ukuze aphishekele ukuthula.

¹² Izibonelo ezintathu eziseBhayibhelini ziqokomisa ingozi yokusabela ngamawala ngemva kokuzwa uhlangothi olulodwa lwendaba. UPotifari wakholwa lokho akutshelwa umkakhe ukuthi uJosefa wayezame ukumdlwengula. Ethukuthele ngokungafanele, uPotifari wayala ukuba uJosefa aphonswetilongweni. (Gen. 39:19, 20) INkosi uDavide yakholwa uZiba, owathi inkosi yakhe, uMefibhosheti, yayicheme nezitha zikaDavide. UDavide wasabela ngamawala wathi: “Bheka! Kungokwakho konke okungokukaMefibhosheti.” (2 Sam. 16:4; 19:25-27) INkosi u-Aritahishashita yatshelwa ukuthi amaJuda ayakha kabusha izindonga zaseJerusalema futhi ayesezohlubuka eMbusweni WasePheresiya. Inkosi yawukholelwa lowo mbiko ongamanga futhi yayala ukuba uyekwe wonke umsebenzi wokwakha kabusha iJerusalema. Ngenxa yalokho, amaJuda awuyeka umsebenzi wokwakha ithempeli likaNkulunkulu. (Ezra 4:11-13, 23, 24) Abadala abangamaKristu benza ngokuhlakanipha ngokulalela iseluleko uPawulu asinikeza uThimothewu sokugwema ukwenza izinqumo ngokuphamazela.—**Funda eyoku-1 Thimothewu 5:21.**

¹³ Ngisho noma kubonakala sengathi sezivezwe zombili izinhlangothi, kubalulekile ukuqaphela ukuthi “uma umuntu ecabanga ukuthi usezuze ulwazi

lokuthile, akakakwazi njengoba kufanele akwazi.” (1 Kor. 8:2) Siyazi yonke yini imininingwane eholele engxabanweni? Singaziqonda yini ngokuphelele izizinda zabantu abahilelekile? Yeka ukuthi kubaluleke kangakanani ukuba abadala bangavumi ukukhohliswa amanga, ubuqili noma inzwabethi, lapho becelwa ukuba bahlulele! UMahluleli omiswe uNkulunkulu, uJesu Kristu, wahlulela ngokulunga. Akahluleli ‘ngokwanoma yikuphi okubonakala emehlweni akhe, noma amane asole ngokwento ayizwe ngezindlebe.’ (Isaya 11:3, 4) Kunalokho, uJesu uqondiswa umoya kaJehova. Ngokufanayo, abadala abangamaKristu bangacela umoya ongcwele kaNkulunkulu ubaqondise.

¹⁴ Ngaphambi kokuba benze izinqumo eziphathelele namakholwa akanye nabo, abadala kudingeka bathandaze bacele usizo lomoya kaJehova futhi bancike esiqondisweni sawo ngokuhlola iZwi lakhe nezincwadi ezikhishwa isigaba senceku ethembekileyo neqondayo.—Math. 24:45.

(IzAga 17:9) Omboza iseqo ufuna uthando, nalowo oqhubeka ekhuluma ngendaba uhlukanisa abantu abangabangane.

w11 8/15 31 ¶17
Phishekela Ukuthula

¹⁷ Izinxabano eziningi eziba khona phakathi kwabafowethu azihileli ukoniwa okungathi sina okudinga ikomiti yokwahlulela. Ngakho, yeka ukuthi kuhle kangakanani ukumboza amaphutha abanye ngothando. IZwi likaNkulunkulu lithi: “Omboza iseqo ufuna uthando, nalowo oqhubeka ekhuluma ngendaba uhlukanisa abantu abangabangane.” (IzAga 17:9) Ukulalela lawo mazwi kuyosisiza sonke ukuba silondoloze ukuthula ebandleni nobuhlobo obuhle noJehova.—Math. 6:14, 15.

Ukumba Sifuna Ingcebo Engokomoya

(IzAga 17:5) Omhleka usulu onokuncane uhlabalaze uMenzi wakhe. Ojabula ngenhlekelele yomunye ngeke angajeziswa

w10 11/15 6 ¶17
Basha—Qondiswani Yizwi LikaNkulunkulu

¹⁷ Ukuze uhlale uqotho kuNkulunkulu lapho uwedwa, kumelwe uthuthukise ‘amandla akho okuqonda ukuze uhlukanise kokubili okulungile nokungalungile’ bese uwaqeqesha ‘ngokuwasebenzisa’ ngokwenza lokho owazi ukuthi kulungile. (Heb. 5:14) Ngokwesibonelo, lapho ukhetha umculo owulalelayo, amabhayisikobho owabukelayo, noma izingosi ze-Internet ozivakashelayo, nakhu okuzokusiza ukuba ukhethe okulungile futhi ugweme okubi. Zibuze imibuzo elandelayo: ‘Ingabe le nto engiyikhetayo

izongikhuthaza ukuba ngibe nozwela noma izongithonyela ukuba ngijabule “ngenhlekelele yomunye?” (IzAga 17:5) ‘Ingabe izongisiza ukuba “ngithande okuhle” noma izokwenza kube nzima ngami ukuba “ngizonde okubi”?’ (Amose 5:15) Lokho okwenzayo lapho uwedwa kubonisa lokho okubaluleke ngempela kuwe.—Luka 6:45.

w10 11/15 31 ¶15

Sizohamba Ngobuqotho Bethu!

¹⁵ UJobe olungile akakaze ajabule lapho umuntu omzondayo ehlelwa inhlekelele. Isaga esabhalwa kamuva siyaxwayisa: “Lapho isitha sakho siwa, ungathokozi; futhi lapho sibangelwa ukuba sikhubeke, kwangathi inhliziyi yakho ingejabule, ukuze uJehova angaboni kube kubi emehlweni akhe bese ngokuqinisekile ebuyisa intukuthelo yakhe kuso.” (IzAga 24:17, 18) Njengoba uJehova ekwazi ukubona okusenziziyweni, uyazi lapho sijabula ngasene ngenhlekelele eyehlele omunye umuntu futhi ngokuqinisekile akasamukeli lesi simo sengqondo. (IzAga 17:5) UNkulunkulu angase asithathele isinyathelo, ngoba uthi: “Impindiselo ingeyami, nokubuyisela.” —Dut. 32:35.

(IzAga 20:25) Kuwugibe lapho umuntu wase mhlaleni ephahlukile wamemeza wathi, “Kungcwele!” kuthi ngemva kwezithembiso athambekela ekwenzeni ukuhlola.

w09 5/15 15-16 ¶12-13

Basha—Yenzani Intuthuko Yenu Ibonakale

Ukulungiselela Umshado Ophumelelayo

¹² Ezinye izinsizwa nezintombi ziye zashesha ukushada ngoba zikholelwa ukuthi kuyindlela yokubalekela ukungajabuli, isizungu nezinkinga zasekhaya. Nokho, ukusho izifungo zomshado kuyindaba engathi sina. Ezikhathini zeBhayibheli, abanye benza isifungo kuNkulunkulu ngokuphamazela bengazange bakuhlaziye ngokucophelela okushiwo yilesi sifungo. (*Funda izAga 20:25.*) Ngezinye izikhathi lezi zinsizwa nezintombi azicabangisisi ngokuthi umshado uhlelani. Zithola kamuva ukuthi kuhileleke okwengeziwe kunalokho ezazikucabanga.

¹³ Ngakho, ngaphambi kokuba uthandane nothile, zibuze: ‘Kungani ngifuna ukushada? Yini engiyilindele emshadweni? Ingabe lo muntu ungifanele? Iziphi izimfanelo ezinhle enginazo ezizoba usizo emshadweni?’ Ukuze ikusize ukuba uzihlale ngokuqonda, “inceku ethembekileyo neqondayo” iye yanyathelisa izihloko ezixoxa kabanzi ngale ndaba. (Math. 24:45-47) Bheka lokho kwaziswa njengeseluleko osinikwa uJehova. Kuhlolisise lokho okushiwo kuzo bese ukusebenzisa. Ungazivumeli ukuba ube ‘njengehashi

noma umnyuzi, okungenakho ukuqonda.’ (IHu. 32: 8, 9) Yiba umuntu okhule ngokugcwele ekuqondeni lokho okuhilelekile emshadweni. Uma unomuzwa wokuthi usukulungele ukuqala ukuthandana nothile, hlale ukhumbula ukuba ube ‘yisibonelo ngobumsulwa.’—1 Thim. 4:12

OCTOBER 31–NOVEMBER 6

AMAGUGU ASEZWINI LIKANKULUNKULU | IZAGA 22-26

“Qeqesha Umntwana Ngokwendlela Emfanele”

(IzAga 22:6) Qeqesha umntwana ngokwendlela emfanele; ngisho nalapho ekhula ngeke apha mbuke kuyo.

(IzAga 23:24, 25) Uyise wolungile nakanjani uyojabula; nalowo ozala ohlakaniphile uyothokozisa ngaye futhi. ²⁵ Uyihlo nonyoko bayothokozisa, nonyoko owakuzala uyojabula.

w08 4/1 16

Ukukhulisa Izingane Ezweni Eliyekelelayo

Ukuqondisa Umcibisholo

Phawula ukuthi iHubo 127:4, 5 lifanisa umzali ‘nendoda enamandla.’ Ingabe lokhu kusho ukuthi ubaba kuphela ongafeza indima yokuba umzali nge mpumelelo? Lutho neze. Empeleni, isimiso salo mfanekiso sisebenza kubo bobabili obaba nomama—ngisho nabazali abangabodwa. (IzAga 1:8) Inkulungelo ethi ‘indoda enamandla’ isikisela ukuthi kwakudingeka amandla amakhulu ukuciba umcibisholo ngomnsalo. Ezikhathini zeBhayibheli, ngezinye izikhathi imicibisholo yayinanyekwa ngethushi, futhi kwakuthiwa isosha ‘linyathela umnsalo,’ mhlawumbe linyathela umnsalo ngonyawo ukuze likwazi ukudonsa intambo yawo. (Jeremiya 50:14, 29) Ngokusobala, kwakudingeka amandla nomzamo omkhulu ukudonsa intambo iqine ukuze umuntu acibisehele endaweni efanele!

Ngokufanayo, ukukhulisa izingane kudinga umzamo omkhulu. Azizikhuleli, njengoba nje nomcibisholo ungazicibi. Ngokudabukisayo, kubonakala sengathi abazali abaningi abazimisele ukwenza umzamo odingekayo. Bathatha indlela elula. Bavumela ithelevishini, isikole nontanga bafundise izingane zabo okulungile nokungalungile, izindinganiso zokuziphatha nezindaba zobulili. Bavumela izingane zabo ukuba zithole noma yini eziyifunayo. Futhi lapho ukwenqaba kubonakala kunzima, bamane bavume —baze bathethelele isinqumo sabo ngokuthi abafuni ukulimaza imizwa yezingane zabo. Empeleni, ukuyekelela kwabo okuyolimaza izingane zabo ngempela, ngendlela ehlala njalo.

Ukukhulisa izingane kuwumsebenzi onzima. Ukwenza lowo msebenzi ngenhliziyo yonke ngesiqondiso seZwi likaNkulunkulu ngokuqinisekile kuyabizela, kodwa kunemivuzo emikhulu. Umagazini i-*Parents* uthi: “Ucwaningo . . . luthole ukuthi izingane ezikhuliswa abazali abanothando kodwa abasebenzisa igunya—abazisekelayo izingane zabo kodwa babeke imingcele eqinile—ziqhuba kahle esikoleni, ziba namakhono angcono okusebenzelana nabanye, ziyazithanda, futhi zijabula kakhulu uma kuqhathaniswa nezingane ezinabazali abayekelelayo noma abano-khahlo ngokweqile.”

Kukhona umvuzo ongcono ngisho nakakhulu. Ekuqaleni sifunde ingxenye yokuqala yezAga 22:6, ethi: “Qeqesha umntwana ngokwendlela emfanele.” Leli vesi liyaqhubeka ngala mazwi ajabulisayo: “Ngisho nalapho ekhula ngeke aphambuke kuyo.” Ingabe lesi saga esiphefumulelwe sinikeza isiqinisekiso sempumelelo? Cha. Ingane yakho inenkululeko yokuzikhethela futhi iyozikhethela lapho ikhula. Kodwa leli vesi linikeza abazali isiqinisekiso sothando. Siphil?

Uma uqeqesha izingane zakho ngokweseluleko seBhayibheli, wakha izimo ezinhle zokuthola imiphumela emihle—ukubona izingane zakho zikhula ziba abantu abadala abajabule, abanelisekile nabano-kwethenjela. (IzAga 23:24) Khona-ke, yenza konke okusemandleni ukuze ulungiselele le “micibisholo” eyigugu, uyivikele, futhi uzikhandle ekuyiqondiseni. Awusoze wazisola.

w07 6/1 31

Imibuzo Evela Kubafundi

Ingabe izAga 22:6 ziqinisekisa ukuthi uma abantwana bamaKristu beqeqeshwe kahle, ngeke basuke endleleni kaJehova?

Leli vesi lifundeka kanje: “Qeqesha umntwana ngokwendlela emfanele; ngisho nalapho ekhula ngeke aphambuke kuyo.” Njengoba nje ukugoba ihlumele kunquma ukuthi liyokhula libe isihlahla esinjani, maningi amathuba okuba nabantwana abaqeqeshwe kahle baqhubeka bekhonza uJehova lapho sebekhulile. Njengoba nje bonke abazali bazi, lokhu kuqeqesha kudinga isikhathi esiningi nomzamo omkhulu. Ukuze abazali benze abantwana babo babe abafundi abangamaKristu, kumelwe babafundise ngesineke, babayale, babakhuthaze, babaqondise futhi bababekele isibonelo esihle. Lokhu kumelwe bakwenze njalo futhi bakwenze ngothando iminyaka ngeminyaka.

Nokho, ingabe lokhu kusho ukuthi uma kwenzeka ingane iyeka ukukhonza uJehova, abazali basuke bengayiqeqeshanga kahle? Kwezinye izimo, kungenzeka ukuthi abazali basuke bengazikhandlanga

ngokwanele ukuba bakhulise izingane zabo ngesiyalo nangokuqondisa umqondo kukaJehova. (Efesu 6:4) Ngakolunye uhlangothi, lesi saga asiqinisekisi ukuthi ukuqeqesha abantwana kahle kusho ukuthi nakanjani bayothembeka kuNkulunkulu. Abazali abanakubenza abantwana babo ukuba babe noma yini abayifisayo. Njengabantu abadala, izingane zinenkululeko yokuzikhethela futhi kufanele ekugcineni zizikhethela indlela ezifuna ukuphila ngayo. (Duteronomi 30:15, 16, 19) Naphezu kokufundisa kwabazali ngenkuthalo, ezinye izingane ziyashintsha zibe ezingathembekile, njengoba nje kwenza uSolomoni, owabhala lona leli vesi esilidingidayo. NoJehova waba namadodana angazange athe-mbeke.

Ngakho, lo mBhalo awusho ukuthi ingane ngeke neze ‘iphambuke,’ kodwa usho ukuthi ngokuvamile yilokho okuba umphumela. Yeka indlela lokhu okuyisikhuthazo ngayo kubazali! Kufanele kubakhuthaze ukwazi ukuthi imizamo yabo yokuqeqesha izingane zabo ngendlela kaJehova iyothela izithelo ezinhle. Njengoba indima yabo ibalulekile futhi benethonya elikhulu, abazali bakhuthazwa ukuba bawuthathe ngokungathi sina umsebenzi wabo.—Duteronomi 6: 6, 7.

Ngisho nalapho izingane ziyeka ukukhonza uJehova, abazali abaye bazikhandla beqeqesha izingane zabo bangaba nethemba lokuthi izingane zabo ziyosanguluka. Iqiniso leBhayibheli linamandla, futhi akulula ngezingane ukusheshe zikukhohlwe ukuqeqeshwa ezakuthola kubazali bazo.—IHubo 19:7.

(IzAga 22:15) Ubuwula buboshelwe enhliziyweni yomntwana; yinduku yesiyalo eyobudedisela kude naye.

(IzAga 23:13, 14) Ungamgodleli umntwana isiyalo. Uma kwenzeka umshaya ngenduku, ngeke afe. ¹⁴ Kufanele umshaye ngenduku, ukuze ukhulule umphefumulo wakhe eShiyoli.

w97 10/15 32

Ingabe Kusengenzeka Ukukhulisa Izingane Eziziphethe Kahle?

“MANJE siphila emphakathini oyinkimbinkimbi kakhulu, onamasiko ahlukahlukene, lapho izimiso zokuziphatha zingafani,” kuphawula uRobert Glossop we-Vanier Institute for the Family e-Ottawa, eCanada. Uba yini umphumela? Umbiko osephephandabeni i-*Toronto Star* uthi: “Ukukhulelwa, ubudlova kanye nokuzibulala kwentsha eyeve eshumini nambili kuyanda.”

Lenkinga ayitholakali eNyakatho Melika kuphela. UBill Damon, umqondisi we-Center for

Human Development eBrown University eRhode Island, e-U.S.A., uye wacwaninga ngalezi zinkinga eBrithani nakwamanye amazwe aseYurophu, kanye nase-Australia, e-Israyeli naseJapan. Ukhomba ekuyekethiseni kwamasono, izikole nezinye izinhlangano ekunikezeni isiqondiso entsheni. Ukholelwa ukuthi impucuko yethu “ayisaqapheli ukuthi yini edingwa izingane ukuze zakhe ubuntu namakhono.” Ebhekisela kochwepheshe bokukhuliswa kwezingane abafundisa ukuthi “ukujezisa kuyingozizi empilweni nasenhlalakahleni yezingane,” uDamon uveza ukuthi lokho “kuyindlela yokuba nezingane ezizibusayo nezingamahlomandlebe.”

Yini edingwa intsha yanamuhla? Idinga ukuqeqeshwa kothando okuqhubekayo okulungisa ingqondo nenhliziyo. Intsha ehlukehlukehene idinga izinhlobo ezihlukehlukehene zokuyala. Lapho kushukunyiswa uthando, ngokuvamile ukuyala kunganikezwa ngamazwi anengqondo. Yingakho kuyizAga 8:33 sitshelwa ukuba ‘sizwe ukuyala.’ Nokho, enye intsha “ayisolwa ngamazwi.” Intsha enjalo kungase kudingeke ukuba ijesiswe ngendlela nangezinga elifanele ngenxa yokungalaleli. (IzAga 17:10; 23:13, 14; 29:19) Ngokutusa lokhu, iBhayibheli alivuni ukubhaxabula ngentukuthelo noma ukushaya ngamandla, okungase kulimaze ingane. (IzAga 16:32) Kunalokho, ingane kufanele iqonde ukuthi kungani iqondiswa futhi ibone ukuthi kungenxa yokuba umzali eyikhathalela. —Qhathanisa namaHeberu 12:6, 11.

Iseleleko seBhayibheli esinjalo esiwusizo nesine-ngqondo sicaciswe kahle encwadini ethi Imfihlo Yenjabulo Yomkhaya.

it-2 818 ¶4

Induku

Igunya labazali. “induku” ifanekisela igunya labazali kubantwana babo. Incwadi yezAga iliveza izikhathi eziningi leli gunya lomzali. Igama elithi “induku” libhekisela kuzo zonke izinhlobo zesiyalo ezisetshenziswayo, okuhlanganisa nenduku engokoqobo esetshenziselwa isijeziso. Umzali unesibopho phambi kukaNkulunkulu sokuyisebenzisa induku lapho eqondisa umntwana. Uma umzali ehluleka ukwenza lokho uyoletsa incithakalo nokufa enganeni yakhe nokuhlazeka nokuthi uNkulunkulu angamamukeli (IzA 10:1; 15:20; 17:25; 19:13) “Ubuwula buboshelwe enhliziyweni yomntwana; yinduku yesiyalo eyobude-disela kude naye.” “Ungamgodleli umntwana isiyalo. Uma kwenzeka umshaya ngenduku, ngeke afe. Kufanele umshaye ngenduku, ukuze ukhulule umphefumulo wakhe eShiyoli.” (IzA 22:15; 23:13, 14) Eqinisweni, “ogodla induku yakhe uyayizonda indodana yakhe, kodwa ngoyithandayo oyifunayo ukuze ayiyale.”—IzA 13:24; 19:18; 29:15; 1Sam 2:27-36.

(IzAga 23:22) Lalela uyihlo owakuzala, futhi ungamedeleli unyoko ngoba nje esegugile.

w04 6/15 14 ¶1-3

Sazise Ngokufanele Isipho Sakho Sokuphila

UMA bekungathiwa yisho inani lokuphila kwakho, ubungathi lingakanani? Sikwazisa kakhulu ukuphila —okwethu nokwabanye. Okufakazela lokho ukuthi singase siye kudokotela siyothola ukwelashwa lapho sigula, noma singase siye kuye njalo siyohlolwa. Sifuna ukuhlala siphilile, sinempilo. Ngisho nabantu asebegugile noma abakhubazekile, iningi labo alifuni ukufa; bafuna ukuhlala bephila.

² Izinga okwazisa ngalo ukuphila lithinta ubuhlobo bakho nabanye. Ngokwesibonelo, iZwi likaNkulunkulu liyayala: “Lalela uyihlo owakuzala, futhi ungamedeleli unyoko ngoba nje esegugile.” (IzAga 23:22) ‘Ukulalela’ kusho okungaphezu nje kokuzwa amazwi; lesi saga sisho ukuzwa bese wenza. (Ekso-dusi 15:26; Duteronomi 7:12; 13:18; 15:5; Joshuwa 22:2; IHubo 81:13) IZwi likaNkulunkulu lithi kungani kufanele ulalele? Akungoba nje uyihlo nonyoko bebadala noma beboné okuningi ekuphileni kuna-we. Isizathu esinikeziwe ukuthi ‘bakuzala.’ Ezinye izinguqulo zilihumusha kanje leli vesu: “Lalela uyihlo owakunika ukuphila.” Kuyaqondakala ukuthi uma ukwazisa ukuphila kwakho, uzizwa unesibopho kulowo ongumthombo walokho kuphila.

³ Yebo, uma ungumKristu weqiniso, uqaphela uJehova njengoMthombo oyinhloko wokuphila kwakho. Ngaye ‘uyaphila’; ‘uyanyakaza,’ wenze njengesidalwa esinemizwa; futhi manje ‘ukhona,’ ukwazi ukucabanga noma ukuhlelela ikusasa, kuhlanganise nokuphila okuphakade. (IzEnzo 17:28; IHubo 36:9; UmShumayeli 3:11) Ngokuvumelana nezAga 23:22, kuyafaneleka ‘ukulalela’ uNkulunkulu ngokuthobeka, ufise ukuqonda nokuqondiswa umbono wakhe ngokuphila, kunokukhetha enye indlela yokubheka ukuphila.

w00 6/15 21 ¶13

“Nonke Nina Ningabafowabo Bomunye Nomunye”

¹³ Ukubonisa amalungu omkhaya inhlonipho kudlulela ngale kokunika umkakho nezingane zakho isithunzi. “Lapho usumdala, zilalele izingane zakho,” kusho isaga sesiJapan. Iphuzu lalesi saga liwukuthi abazali asebekhulile kufanele bangeqeli ngalé kwegunya labo njengabazali futhi kufanele bakulalele lokho okushiwo yizingane zabo esezikhulile. Nakuba kungokomBhalo ukuba abazali babonise izingane zabo ukwazisa ngokuzilalela, izingane akufanele zibonise isimo sengqondo sokungawahloniphi amalungu amadala omkhaya. IzAga 23:22 zithi: “Ungamdeleli unyoko lapho esemdala.” (IzA-

ga 23:22) INkosi uSolomoni yaphila ngokuvumelana nalesi saga futhi yamazisa unina lapho ezokwenza isicelo kuyo. USolomoni wahlela ukuba kubekwe isihlalo sobukhosi kwesokudla sesakhe futhi walalela lokho unina owayesemdala, uBati Sheba, ayemtshe-la kona.—1 AmaKhosi 2:19, 20.

Ukumba Sifuna Ingcebo Engokomoya

(IzAga 24:16) Ngoba olungile angawa ngisho nakasikhombisa, kodwa ngokuqinisekile uyovuka; kodwa ababi bayokwenziwa ukuba bakhutshwe yinhlekelele.

w13 3/15 4-5 ¶5-8

“Akunasikhubekiso” Kulabo Abathanda uJehova

UMA UKHUBEKA, VUKA UQHUBEKE NOMNCINTISWANO

⁵ Kungenzeka uke wasebenzisa amagama athi “ukukhubeka” noma “ukuwa” ngendlela efanayo ukuze uchaze isimo esingokomoya. Ngezinye izikhathi, la magama asetshenziswe eBhayibhelini angase adlulisele umqondo ofanayo. Ngokwesibonelo, phawula amazwi akuzAga 24:16: “Olungile angawa ngisho nakasikhombisa, kodwa ngokuqinisekile uyovuka; kodwa ababi bayokwenziwa ukuba bakhutshwe yinhlekelele.”

⁶ uJehova ngeke avume ukuba labo abathembela kuye bakhutshwe noma bawiswe—ubunzima noma isimo esidumazayo ekukhulekeleni kwabo—*bangabe besakwazi* ukuphinde baphakame. Siyaqiniseka ukuthi uJehova uyosisiza ukuba ‘sivuke’ ukuze siqhubeke sizinikela ngokugcwele enkonzweni yakhe. Yeka ukuthi lokhu kududuza kanjani kubo bonke abathanda uJehova ngokusuka enhliziyweni! Ababi abanaso isifiso esifanayo sokusukuma. Abalufuni usizo lomoya ongcwele kaNkulunkulu nolwabantu bakhe, noma bayalwenqaba ngisho belunikwa. Ngokuphambene, kulabo ‘abathanda umthetho kaJehova,’ akunasikhubekiso esingabakhipha ngokuphelele emncintiswaneni wokuphila.—**Funda iHubo 119:165.**

⁷ Abanye bawela ezonweni *ezincane*—ngisho nangokuphindaphindiwe—ngenxa yobuthakathaka obuthile. Kodwa bayaqhubeka belungile emehlweni kaJehova uma beqhubeka ‘bevuka,’ okuwukuthi, bephenduka ngobuqotho bazabalazele ukuphindela enkambweni yenkonzo yokwethembeka. Singakubona lokhu endleleni uNkulunkulu asebenzelana ngayo nama-Israyeli asendulo. (Isaya 41:9, 10) Kunokuba igqamise ubuthakathaka bethu ‘bokuwa,’ incwadi yezAga 24:16 ecashunwe ekuqaleni, igxila kakhulu kokuhle—‘ukuvuka’ kwethu ngosizo lukaNkulunkulu wethu onesihe. (**Funda u-Isaya 55:7.**) Ngomusa,

uJehova uNkulunkulu noJesu Kristu basikhuthaza ukuba ‘sivuke,’ okubonisa ukuthi bayasethemba.—IHu. 86:5; Joh. 5:19.

⁸ Ngisho noma umgijimi osemncintiswaneni webanga elide engakhubeka noma awe, angaba naso isikhathi sokusukuma futhi awuqede umncintiswano uma enza ngomuzwa wokuphuthuma. Emncintiswaneni wethu wokuphila okuphakade, asilwazi ‘usuku nehora’ umncintiswano oyophela ngalo. (Math. 24:36) Noma kunjalo, lapho sigwema ukukhubeka, siba sethubeni elingcono lokuqhubeka sigijima kahle, siqhubeke sisemncintiswaneni futhi siwuqede ngokuphumelelayo. Singakugwema kanjani-ke ukukhubeka?

(IzAga 24:27) Lungisa umsebenzi wakho ngaphandle, uzilungisele wona ensimini. Kamuva wakhe futhi indlu yakho.

w09 10/15 12 ¶1

Imibuzo Evela Kubafundi

Lapho umlobi wezAga eluleka insizwa, uthi: “Lungisa umsebenzi wakho ngaphandle, uzilungisele wona ensimini. Kamuva wakhe futhi indlu yakho.” Lesi saga esiphefumulelwe siveza liphi iphuzu? Lokuthi indoda kufanele ilungiselele kahle *ngaphambi* kokuba ishade futhi ibe nabantwana, iqaphela imithwalo yemfanelo ehambisana nomshado.